# *Amandla Okuqina Aphelelisiwe Ngobuthakathaka Obuphelelisiwe*

Sanibona ekuseni, bangani. Kumnandi ukuphuma futhi kulokhukusa kulokhu okunemvula, okuneqhwa, ukusa okuxubekile. Ukwazi ukuthi abaningi benu ube nesikhathi ngempela sokushayela, nivela ebangeni elikude. Futhi sinabanye . . . lababangani abayigugu ovela eChicago nase-Alabama naseGeorgia naseTennessee nase-Illinois namacala onke, kulezizinsuku, ngakho-ke si . . . themba ukuthi uNkulunkulu uzoninikeza ukuphepha kwaKhe njengoba nihamba. Futhi kungumkhuleko wethu ukuthi Uzonivikela emigwaqweni, kulemigwaqo eyingozi njengoba lishibilika esikhathini sasebusika. Futhi leli yizwe elibi esikhathini sasebusika. Yizwe elihle kunawo onke kwelikhona entwasahlobo noma enkwindla, kodwa esikhathini sasebusika nasesikhathini sasehlobo kubi kakhulu.

2 Manje, angicabangi ukuthi bayaqopha njengamanje phakathi lapho. Futhi nje ngithanda nje ukwenza isitatimende esiphathelene neSonto eledlule, emlayezweni. Isizathu sokuthi ngi—ngibambe iteyipu futhi angibavumelanga bathengise iteyipu, bayikhiphe, awu, bekungenxa yokuthi ngifanele ngiyibhekisise kuqala. Ngoba izikhathi eziningi, leyondlela, bengingasho izinto ebandleni lapha ebengingeke ngizibeke ngaphambi komphakathi wonke kanjalo, ngoba ngezinye izikhathi kubangela izikhubekiso. Futhi kwezinye izikhathi kubangela ngisho imibuzo phakathi kwabantu bethu lapha etabernakele. Futhi ku . . .

3 Angisho lokhu . . . angisho lezozinto ukuba nginganaki, kepha kwezinye izikhathi ngaphansi kokuphefumulelwa wazi izinto obungeke . . . obungeke ulokothe ukutshela abantu. Khona-ke ngezinye izikhathi ngaphansi kokuphefumulelwa okuthile kuyoshelelela kuphume, uyabo, futhi ngeke ukuqaphele. Futhi enye yezinto engikholwa ukuthi yashiwo (ngaleloSonto eledlule) okungahle kubangele omunye . . . ngenkathi ngishilo ukuthi angikaze ngikholelwe ekubizeleni e-altare. Niyabo?

4 Ngifuna ukusho lokho futhi kucace ukuze nizoqonda. Akukaze kube nokubizela e-altare okwenziwa kulolonke iBhayibheli. Ayikho into enjalo emBhalweni. Akukho ndawo phansi kwedlule eminyakeni okwake kwenziwa kuze kube unyaka weMethodisti, cishe iminyaka engamakhulu amabili edlule, niyabo.

5 Ukubizela e-altare yilapho abantu besukuma futhi bezama ukunxenxa nokudonsa abantu, "Woza, John. Uyazi, ba... Umama wakho wafa, ekukhulekela. Woza, John." Lokho akusikho ukulahlwa yicala, bangane. Qhabo. Lolo—lolohlobo, ngi...akuvamile kakhulu uke uzwe oyedwa ehamba ibanga elide kakhulu. Futhi, kulokho, uthola yonke into. Yingaleso sizathu ibandla lonke lisesiphithiphithini ngendlela elingayo namhlanje, kungenxa yezinto ezinjalo.

6 Ukulahlwa yicala, awudingeki ukuba usho lutho, mfowethu, uNkulunkulu ulapho futhi usevele uwenzile umsebenzi. "Kwathi uPetru esekhulume lamaZwi uMoya oNgcwele wehlela kulabo abezwa iZwi." Niyabo? Niyabo? Niyabo? Akukho kubizela e-altare, niyabo, ayikho into enjalo.

7 Manje, i-altare indawo yomkhuleko lapho wonke umuntu oza ebandleni efanele kuqala angene, aguqe e-altare, akhuleke buthule kuNkulunkulu futhi banikele isicelo sabo somkhuleko ne—nesabathandiweyo babo, futhi bebonga uNkulunkulu ngalokho abangahle ukuba bakwenzile kubo, bese-ke bebuyela emuva esihlalweni sabo.

8 Bese kuthi-ke ibandla yindawo lapho iZwi likaNkulunkulu..."Futhi ukwahlulela kuqala eNdlini kaNkulunkulu," lapho ukwahlulela kweZwi kuphuma khona. Bese-ke...Kodwa namhlanje, si—siyakuguqula lokho kakhulu.

9 Manje, anginalutho futhi kunoma ubani owenza ukubizela e-altare, niyabo. Lokho yi...Futhi ngenze okuningi qobo lwami, futhi mhlawumpe ngizokwenza okunye okuningi uma ngiqhubeka nokuhamba. Kodwa nje okwami uqobo...Niyabo, u—u—uqoqa okuningi kakhulu. Futhi akukho ukumelana nakho, akukho okulimazayo kukho. Kulungile. Niyabo?

10 Isizathu, lalelani, uJesu wathi, "Akakho ongeza kiMi uma uBaba waMi engamdonsi kuqala. Futhi konke uBaba aNgiphe khona kuyakuza kiMi." Kunjalo. Ngakho-ke, niyabo, ba...Lokho kuphosa ukubizela kwakho e-altare ngokuphelele kuphume konke. Niyabo? Niyakubona lokho na? "*Konke* uBaba..." Wena...

11 Isibopho sethu—sethu uku "shumayela iZwi." IBhayibheli lathi, "Abaningi abakholwayo babhaphathizwa." "Phendukani, nibhaphathizwe eGameni likaJesu Kristu kukho ukuthethelelwa, ukuxolelwa izono." Ini? "Nibhaphathizwe eGameni likaJesu Kristu kukho ukuthethelelwa kwezono, niyabo, futhi niyakwemukeliswa isipho sikaMoya oNgcwele."

12 Kodwa uma unxenxa futhi udonse futhi wesabise abantu, futhi ukhulume nabantu ubangenise...Abantu kumele beze besile ekhanda, ngokuzothile, ngaphansi kokulahlwa yicala, futhi bemukele uKristu. Khona-ke into yokuqala abayenzayo ngokushesha nje lapho bemukela uKristu behlezi ezihlalweni zabo, into elandelayo ukubhaphathizwa eGameni likaJesu Kristu kukho ukuthethelelwa kwalezozono ukuthi sebekholisekile ukuthi banephutha. Bathethethelelwa kanjalo izono zabo, niyabo. Isizathu baphendukile; babhaphathizwa njengesikhumbuzo kubantu, ukuthi, "Ngemukele uKristu njengoMsindisi oqondene nami"; khona-ke usungongenele uMoya oNgcwele.

13 Futhi, manje, abantu abaningi bayaqhubeka, ekuncengeni nokubizela e-altare, nokunye nokunye kanjalo, okungukuthi kulungile. Ngizohamba nalokho, lokho kulungile ngokuphelele ngokwazi kwami, noma ngubani ofuna ukukwenza. Kodwa, kimi, akusikho ngokomBhalo, niyabo, futhi ngakho-ke ngi—ngithanda ukuhlala nomBhalo.

14 Futhi ngakho-ke isizathu ngibambe leyoteyipu bekungenxa uma ukhipha leyo besizoba nezincwadi ezingamakhulu amahlanu ngeviki ukuze siphendule. Sonke...Isinyathelo nje esikweni elincane omunye umuntu analo, futhi yilokho kuphela ofanele ukwenze, khona-ke konke sekwedlule futhi.

15 Futhi ngiyacabanga, izikhathi eziningi, ukuthi ngingogxekayo kakhudlwana phezu kwezinto ezahlukene kanjalo. Futhi angiqondile ukuba ngaleyondlela, kodwa kwesinye isikhathi amahhovisi akudonsa ngaleyondlela, uyabo, ba—bakwenza uncike ngaleyondlela. Futhi ngakho-ke ngiqinisekile abantu bayakuqonda lokho.

16 Manje, sibonga kakhulu ukuthi sisenoBaba oseZulwini onomusa O—Onganaki amaphutha ethu futhi akawabaleli kithi.

17 Bengifunda ngale eNcwadini yakwa—yakwabaseRoma, isahluko 4, lapho uPawulu abhala khona u—ukuhlaziya kobuNkulunkulu ngempilo ka-Abrahama. Manje, siyazi ukuthi u-Abrahama kaningi wathola ukuxakeka njengoba nathi senza. Kodwa lapho u...ukuhlaziya kwakhe kwabhalwa, akukaze kubekhona noma yikuphi ukuxakeka kwakhe okwashiwo, niyabo, akukaze kushiwo nhlobo. Kwathiwa:

> U-Abrahama *akangabazanga ngesethembiso sikaNkulunkulu ngokungakholwa; kodwa waqina... enika uNkulunkulu* ukudumisa;

18 Niyabo, futhi yileyondlela engithemba ukuthi okwami kuzobhalwa ngayo phezulu Lapho, akusiwo amaphutha ami nakho konke, kodwa lokho nje engizama ukukwenza, inhloso yenhliziyo yami ukuba ngenzele abantu bakaNkulunkulu.

19 Futhi manje sifikile kulokhukusa uku—ukuzama ukuletha umlayezo omncane lapha ukuthi mhlawumbe iNkosi ibekile

phezu kwethu ukuba siwunikeze abantu. Futhi ngithemba ukuthi uzonenzela okuhle futhi ungenzele okuhle, ngoba sindawonye futhi siphila esikhathini esesabekayo, nezinsuku zokugcina. Ngakho-ke nje ngaphambi kokuba sibe nomkhuleko, ngithanda ukufunda izindawo ezithi azibembili eZwini; eyodwa ngaphambi komkhuleko, futhi neyodwa ngemuva komkhuleko. Futhi kuqala, ukuvula inkonzo yethu, noma, lengxenye yayo, ngifisa ukufunda eNcwadini yamaHeberu. Isahluko 11 samaHeberu, nelamashumi amathathu-. . .ivesi 32, siqale, likhuluma ngoku*kholwa*.

> Manje *ngisezakuthini futhi na?* noma *isikhathi kambe sizakungishiya uma ngibalisa ngoGideyoni,. . . noBaraki,. . .Samsoni,. . .Jefta;. . .Davide . . . Samuweli, nabaprofethi:*
>
> *Abathi ngokukholwa banqoba imibuso, basebenza ukulunga, bazuza* isithembiso, *bavimba* umlomo *yezingonyama*,
>
> *Bacima amandla omlilo, baphepha osikweni lwenkemba,* futhi *ebuthakathakeni. . .baphiwa amandla, babayiziqhwaga empini, baxosha* abezizwe, *izimpi zabezizwe.*
>
> *Abesifazane bemukeliswa abafileyo babo* kukho ukuvuswa. . .*bevusiwe abanye bahlushwa, kabavuma ukukhululwa; ukuze bathole ukuvuka okuhle:*
>
> *Abanye* balingwa. . .*ngokujivazwa*. . .ukushaya, *yebo, nokuboshwa*. . .amatilongo:
>
> *Bakhandwa ngamatshe, banqunywa ngesaha,* bona *balingwa,. . .banqunywa ngenkemba: . . .bazulazula bembethe izikhumba zezimvu nezezimbuzi; beswela*. . . futhi *bephathwa kabi;*

20 Bhekisisani labo bakake:

> *(Izwe elingabafanele bona:) behamba emahlane, nasezintabeni, nasemihumeni nasemigedeni yomhlaba.*
>
> . . .bonke laba, *befakazelwe ngokukholwa, abazuzanga isithembiso:*
>
> *Ngokuba uNkulunkulu wayesibonele okuhle kunalokho, ukuze bangapheleliswa ngaphandle kwethu.*

21 Lapho ngifunda lezozindaba zalawomabutho angamaqhawe, ngiyamangala ukuthi ubufakazi bethu obuncane buyoma kuphi nalabo bantu ngaloloSuku.

22 Ngaphambi nje komkhuleko, ukhona yini obengathanda ukukhunjulwa kuNkulunkulu na? Vele nje uphakamise isandla sakho, futhi noma ngabe yini oyidingayo Uyabona futhi uyezwa futhi uyakupha manje njengoba sikhothamisa amakhanda ethu.

23 Baba wethu onomusa, onothando, sisondela ngokuzithoba esiHlalweni sobukhosi saKho kulokhukusa eGameni likaJesu, iNdodana yaKho, ukunikela umkhuleko wethu nowabanye. Wena kuqala, Nkosi, sithethelele zonke iziphambeko zethu nobubi bethu. Bese kuthi-ke sizokhulekela abanye, Nkosi, ukuthi nabo bazothethelelwa.

24 Futhi iBandla laKho belingasondezwa kuWe. Ngokuba qiniso, Nkosi, enhliziyweni yethu siyakholwa ukuthi Usukulungele ukusebenza umsebenzi neBandla laKho, usulungele ukuLikhipha ezweni futhi uliguqulele eMbusweni kaNkulunkulu. Kodwa, Nkosi, sisize ukuba sizilungiselele lelohora. Kwangathi kulokhukusa kungaba yisikhathi, Nkosi, ukuthi kusukela koyedwa kuye phezulu kithi sonke sizo "lahla konke okusindayo nesono esithandela kangaka kithi, ukuze sigijime ngokubekezela ukuncintisana esikumiselweyo."

25 Futhi ngiyakhuleka, Baba waseZulwini, namhlanje, ukuthi Uzophulukisa abagulayo nabahluphekileyo. Abaningi banobuhlungu ezweni lonke, nezinhlupho, na "magciwane" njengoba odokotela bebabeka. Futhi ngiyakhuleka ukuthi amandla aKho aphulukisayo, Nkosi, azoba kulabobantu.

26 Khona-ke ukwehlela embuthanweni wethu omncane lapha kulokhukusa. Abaningi ushayela amakhulu amamayela, kusukela leyithi izolo ebusuku futhi ubusuku bonke kuze kube sekuseni, namhlanje, futhi beshayela kanzima ukuba beze etabernakele. Futhi liyakhithika futhi ngasemgwaqeni. Nkulunkulu, siyakhuleka ukuthi Uzobabusisa ngokukhethekile. Akukho kungabaza abaningi kudingeka banikele ingxenye enkulu yokudla kwabo kwangeviki elizayo, noma kungahle kube yini, noma izinto lezo abebezosebenzisa imali yabo kuzo, upetroli nezinto, ezizayo.

27 Nkulunkulu, lowo oza kuWe engenalutho uzohamba egcwele. Wakwethembisa. Futhi ngiyakhuleka ukuthi Uzogcwalisa izinhliziyo zabo nobhasikidi babo (bomphefumulo wabo) bagcwale kakhulu izinto ezinhle zikaNkulunkulu ukuthi bazomuka nje bephuphuma kakhulu nge "njabulo engakhulumekiyo futhi begcwele iNkazimulo." Kwangathi nje izinkomishi zalababantu abayigugu zingachichima, ngokomoya nezinto ezinhle ezivela kuNkulunkulu.

28 Busisa sonke isandla, Uyasazi isidingo ebesingemuva kwalesosandla, Nkosi. Ngiyacela ukuthi Uzobabusisa ngokukhethekile. SiKubonile ngaleliviki eledlule ukuthi Uwuphendule ngokumangalisayo kakhulu kanjani umkhuleko emizuzwaneni embalwa, izikhathi zesimo esiphuthumayo nokugula nezinkinga. Wena unguNkulunkulu, osezindaweni zonke, umi ngasezincekwini zaYo. Ngiyakhuleka, Nkulunkulu, ukuthi Uzokuma ngakubo kulokhukusa. Banikeze isifiso sabo, Nkosi, senhliziyo yabo. Angikholwa ukuthi bekuyinto yanoma

yibuphi ubugovu, noma iyiphi—noma iyiphi impokophelo embi emva kwakho. Ngikhulekela ukuthi Uzobabusisa.

29 Futhi manje, Baba, ngikhumbule, thina, namuhla, futhi kwangathi ngingakwazi kakhulu ukuzidedisa endleleni. . . Sonke, kusukela kumelusi kwehlele phansi e—ebantwaneni, kwangathi singakwazi ukuzibeka eceleni e-altare likaNkulunkulu futhi sivule izinhliziyo zethu futhi silalele uMoya oNgcwele njengoba Ezokhuluma kithi. Phendula izitsha zethu zesaKho isibusi-. . . ukwemukela izibusiso zaKho, ngohlangothi olukahle lubheke phezulu. Khona-ke thululela phansi amandla amaFutha okugcoba kubo. Futhi siphe amandla okuqina, Nkosi, esiwadingela ezinsukwini ezisihlalele ngaphambili. Siphe lesisibusiso. Sikucela eGameni likaJesu. Amen.

30 [UMfowethu Branham uphendula othize okhulume naye mayelana nocingo—Umhl.] Mm, angazi. Thola nje inombolo yakhe yocingo bese umtshela ukuthi ngizomfonela emuva kwenkonzo. Angazi.

31 Ngikhulekeleni. Ngi. . . uMfowethu Jack Moore ocingweni, namanje usanginxenxa ukuba ngibe lapho ngaleliviki. Niyabo? Angizizwa nje. . . khona ngqo kukho, niyabo, futhi ngakho-ke angazi ukuthi ngenzeni. Ngiyamthanda uMfowethu Jack. Futhi leyongqungquthela enkulu iyeza ezansi lapho futhi wenqabe amadoda, njengoBooth-Clibborn nabo, beza. Ngakho-ke usalindile, ukhipha izikhangiso zakhe futhi kanjalo, ubambelele kimi ukuba ngize. Ngakho-ke ngi—ngithanda ukuzizwa ngicindezelekile ngempela ukuhamba, niyabo. Futhi ngi. . .

32 Futhi, manje, njengoba siphenya manje futhi kwabaseKorinte besiBili, futhi sizoqala ngevesi 12 kwabaseKorinte besiBili, futhi sifunde ivesi elilodwa lomBhalo senzele indikimba, uma uNkulunkulu evuma. AbaseKorinte bokuQala, i. . . Noma kwabaseKorinte besiBili, njalo, isahluko 12 nevesi 9. Ngifuna ukufunda isigaba sokuqala. . . Noma isigaba sesibili sevesi 9, ingxenye yalo:

> *Yathi kimi, Umusa wami ukwanele: ngokuba amandla ami aphelelisiwe ebuthakatheni*. . .

33 AngiKufunde futhi manje ukuze nizoqiniseka ukuthola indikimba:

> *Yathi kimi*, (lona nguNkulunkulu ekhuluma kuPawulu), *Umusa wami ukwanele: ngokuba amandla ami aphelelisiwe ebuthakatheni*. . .

34 Khona-ke uma bengifanele ngiwubize ngendikimba, ngingathanda ukusebenzisa lokhu, amandla okuqina. . . *Amandla Okuqina Aphelelisiwe Ngobuthakathaka Obuphelelisiwe*. Uma sinobuthakathaka sinamandla okuqina. Yindikimba engajwayelekile e. . . embuthanweni wePentecostal,

ukwenza . . . ukuthatha indikimba yo*buthakathaka,* ngoba sihlala njalo sifakaza sithi "sinamandla kakhulu."

35 Futhi ngishilo ngaphambilini, ukuthi, ngizama kuphela ukukhuleka phakathi neviki futhi ngithole lokho obekungaba kuhle kimi ukukuletha ngaphambi kwebandla. Ukuba nje bekungukuza lapha ukuba ngizwiwe, bengingathanda kakhulu okungenani ukuzwa noma ngubani kulokhukusa emi lapha.

36 Ngokusobala, kuze kube izinsuku ezithi azibe mbili ezedlule, ngangisezansi eKentucky nabantu bakaMfowethu Gabehart lapho. Lapho sengihambile endaweni yabo, lo mfowethu oyigugu nonkosikazi nomndeni nabo, ngaze ngafika kulomcabango.

37 Ngaya ekhaya nje kancanyana ngaphambi kwalokho. Ngangimi ngaphandle, futhi inenekazi lathi, "Ngingathanda ukukhuluma nalowomfundisi." Futhi ngahamba ngangena ekhaya labo elincane. Futhi kwakukhona . . . Lathi, "UnguMfowethu Branham na?"

Futhi ngathi, "Yebo mem."

38 Lathi, "Nginamahloni kakhulu ngokubukeka kwendlu yami," futhi lathi, "ukuba ngikucele ungene." Laqala ukukhala. Lathi, "Kodwa ngi—nginesidingo esikhulu futhi nginokukwethemba ngempela."

39 Futhi ngangithole ukuthi kwakuyilapho uDadewethu Cox omncane esahlala naye nabanye ezansi—ezansi lapho, u—ugogo omncane eneteyipu rekhoda ehamba edabula komakhelwane edlala amateyipu. Yilokho-ke! Lowo ngumqondo! Niyabo?

40 Ngaqalaza kulelikhaya, ikhaya elincane elithobekile, elicishe lifane nengakhuliswa kulo, kodwa udonga lwalugcwele izithombe zikaKristu. Kubekwe iBhayibheli etafuleni. Ngathi, "Angikaze nhlobo ngibe nokuhlonipheka empilweni yami, lolu uhlobo lwekhaya engithanda ukungena kulo." Wacelela othize isicelo. Futhi amahora amahlanu kusukela ngalesosikhathi lapho sakhuleka ndawonye khona, logogo omncane nami sakhuleka ndawonye, uNkulunkulu uphendulile.

41 Ngakho-ke sakhuleka futhi, futhi uMama Cox nami kanye nabo sizungeze itafula ngalokho kusa, sasikhothamile futhi sacela uNkulunkulu ukuba asiphe ithuba ukuba senze okuthize ngemizamo ayeyenzile. Futhi, sesiqedile ukucela lokho, uNkulunkulu wavula indlela. Niyabo? UnguNkulunkulu!

42 Sizama ukwenza ubuthakathaka bethu bube izaba. Sifuna ukusho ukuthi sibakhulu kangakanani, sibakhulu kangakanani. Ngicabanga ukuthi ngenye yezinto engi . . . uNkulunkulu wanginikela yona umbhalo, bekungukukhipha lokho engqondweni yethu. Niyabo?

43 Kukhona izinto ezincane esizenzayo. Futhi yilokho esikuzela enkonzweni, ukuthola ukuthi amaphutha ethu likuphi, nezinto esingazenza ngcono ngazo. Uma siza enkonzweni noma ngayiphi

enye—noma ngayiphi enye injongo kunalena, ngiyesaba angeke sithole okuningi kakhulu ngokuza enkonzweni. Sifanele size ukuzothola ubuthakathaka bethu, sithole izindawo zethu ezimbi neyethu . . . kanjani . . . ukubona ukuthi sibancane kanjani, futhi sibeke ukuthembela kwethu kuMuntu onamandla. Kepha lapho sinobuthakathaka . . .

44 Kukhona abaningi kakhulu bethu othanda ukufakaza noma othanda ukucabanga ukuthi asanele futhi, ngakho-ke, senza lokho kube izaba, "Anginamfundo, anginakhono, angikwazi ukwenza *lokhu*." Futhi uma uqhubeka nalokho futhi wenza lokho ngaleyondlela, ulokhu uqhubeka kanjalo, khona-ke ungeke ufinyelele kunoma yini. Kodwa yona impela into esenza izaba ngayo, ngobuthakathaka bethu, uNkulunkulu usebenzisa yona impela leyonto ukubamba umsebenzi ngayo. Niyabo? Uyasilinda ukuba sifike kulesosimo ukuze Ezosisebenzisa. Si—sithatha izaba bese sithi, "Awu, a—a—a— mina a . . . ngikwazi ukwenza lokhu, angenele. A—angikwazi ukukwenza." Futhi uNkulunkulu uthatha yona impela leyonto ukwenza umsebenzi ngayo. Lelo yiqiniso.

45 Yingalesosizathu ukuthi U—Uyasikhetha, ngoba sikulesosimo. Manje, lokho kuzwakala kuxakile, kodwa nje emizuzwini embalwa sizofika esizathwini sakho, uma uNkulunkulu ethanda.

46 Si—sithola ukuthi, njengoba nje kade sifunda, ukuthi ubuthakathaka nokunqatshwa . . . futhi sithola ukuthi labobantu ababuthakathaka kunabo bonke nabanqatshiwe yizwe elingaphandle, ungamaqhawe kaNkulunkulu, anqobayo emgqeni ongaphambili, athathe labo a—a . . . abazizwa bengafanelekile.

47 Kwakukhona umfowethu oyiMethodisti, abathathu babo oza kulelibandla evela enhla e-Ohio, noma enyakatho ye-Indiana. Basho kimi kungekudala, bathi, "Mfowethu Branham," bathi, "sisanda kwemukela uMoya oNgcwele nje, sesingazifuna manje izipho zenkonzo yethu na?"

Ngathi, "Ningakwenzi! Kuyekeni."

48 Futhi waphenduka futhi wangibuka, wathi, "Ngisanda kufunda incwadi ethize yomfowethu esitshele ukuthi emuva kokuba sesemukele uMoya oNgcwele si 'fanele sifune iziphiwo,' ukuze lezi zisebenzise lo Moya oNgcwele."

Ngathi, "Bese niba yiyembe elihlohliwe!" Niyabo?

49 Uma uqaphela eBhayibhelini, kuhlala kuyilabo abazama ukusuka kukho, uNkulunkulu abasebenzisayo. Inqobo nje uma indoda i . . . ifuna ukwenza okuthile futhi icabanga ukuthi inekhono elanele ingawuthwala umsebenzi, uNkulunkulu ubengeke neze ayisebenzise leyondoda. Bukani uMose, egijima; bukani uPawulu, egijima; nabo bonke, bezama ukubaleka kukho.

50 Ngathi, "Ningafuni lutho. UNkulunkulu unayo yonke into yenu, Uzoninika yona." Niyabo? "Futhi nje vumelani Yena—vumelani Yena anakekele lokho." Ngathi, "Khona-ke ningazithola ezinye zalezizikhathi njengoba sinazo, sinazo namhlanje, ukuthi wonke umuntu ufuna ukwenza *lokhu* futhi enze *lokho* futhi abe ngumuntu othile omkhulu. Bukani ukuthi singene kuphi ngakho, niyabo."

51 Esikhundleni sokuzama ukuba ngabakhulu sifanele sizame—sizame ukuthola ukuthi singaba bancane kangakanani. Niyabo? Khona-ke uNkulunkulu angasisebenzisa. NginemiBhalo eminingana ebhalwe lapha engizofanele ngibhekisele kuyo, ngiyacabanga, kodwa ngi . . . thina . . . Mhlawumpe angeke ngibe nesikhathi ukukwenza. Kepha thina si . . .

52 Qaphelani ukuthi kuthatha o—obuthakathaka kunabo bonke futhi onqatshiwe, futhi cishe lonke iqhawe uNkulunkulu ake waba nalo emgqeni ongaphambili bekuyilolohlobo lomuntu. Umuntu owanqatshwa, umuntu owayecabanga ukuthi wayengakwenele, umuntu ongenakhono nhlobo, khona-ke lowomuntu nje esesimweni esikahle ukuze uNkulunkulu angaqala ukumsebenzisa. Kunjalo. Kulapho bezwa sengathi abakwazi, abanalutho, yilapho uNkulunkulu angababamba futhi enze okuthile ngabo. Niyabo? Lapho . . . Kodwa lapho sicabanga ukuthi siyakwazi ukukwenza, khona-ke uNkulunkulu angeke asisebenzise ngoba sifuna ukukwenza ngokwethu.

53 Futhi, khona-ke, ngakolunye uhlangothi, sithola lemizwa futhi siyacabanga khona-ke ukuthi asanele, futhi asifuni ukukwenza; kodwa-ke uma nje silalela ubizo lukaNkulunkulu, yiyonanto kanye uNkulunkulu afuna sifinyelele kuyo, kulolohlobo lwesimo, ukuze Akwazi.

54 Lapho singenele, ngokwethu, khona-ke singaphansi kokuzinikela eMoyeni kaNkulunkulu. Inqobo nje uma sicabanga ukuthi singakwenza, khona-ke angeke sikwenze. Kodwa uma sifika endaweni lapho sazi khona ukuthi angeke sikwenze, khona-ke sizinikela kuNkulunkulu futhi Uyakwenza. Ngakho khona-ke uma kuyithina sizama ukukwenza sizokwehluleka, kodwa uma nje sizozinikela kuNkulunkulu khona-ke uNkulunkulu angeke ehluleke. Kunento eyodwa kuphela uNkulunkulu angeke ayenze, futhi, lokho ukwehluleka. Angenza noma yini enye ngaphandle kokwehluleka. Kodwa Angeke ahluleke.

55 Ngakho-ke inqobo nje uma sizama ngokwethu futhi sencike kwawethu amakhono, nokunye nokunye, awu, angeke senze lutho. Kodwa uma sifika endaweni lapho sazi ukuthi asilutho, khona-ke uNkulunkulu angasisebenzisa.

56 Into ebalulekile, enye yezinto ezibalulekile okumele siyahlule . . . Manje khumbulani lokhu, futhi ikakhulukazi nina

bashumayeli abasebancane, namalungu ebandla ngokufanayo. Kunento eyodwa okufanele siyahlule uma silindele ukufeza isifiso sikaNkulunkulu empilweni yethu, lokho ngukuthi, sifanele sahlule umcabango *wekhono lomuntu*. Uma singake sifike endawaneni lapho sicabanga ukuthi singakwenza ngobuhlakani bethu uqobo nangamakhono ethu uqobo, sifanele sahlule lokho ngendlela yokuthi singasusa into futhi siyibeke eceleni ukuze uNkulunkulu asisebenzise. Kunjalo.

57 Futhi senze ukuzinikela okuphelele! Angeke sisebenzise ikhono elilodwa. Sifanele senze ukuzinikela okuphelele! Futhi, ukuza kuNkulunkulu, ufanele uzinikele kuYe kokubili umphefumulo, umzimba, nomoya. Konke oyikho kufanele kunikelwe kuNkulunkulu, ukuze Ezosebenza intando yaKhe kuwe nakimi.

58 Manje, lokho kunzima, ngiyazi, ngoba sihlala sifuna ukufaka ingxenye yethu, okuthize esi*kwaziyo*, siyazi ukuthi sifuna ukukwenza. Sithi, "Awu, ngi—ngiyazi nje kufanele kwenziwe ngalendlela." Kodwa inqobo nje uma ukwenza ngaleyondlela kuzoba yiphutha, futhi uNkulunkulu akasoze awusebenzise lowomzamo. Mhlawumbe, ngosizo lweNkosi, sizongena kulokho emizuzwini embalwa, futhi nje ukunikhombisa ukuthi uNkulunkulu angeke alisebenzisa ikhono lakho.

59 Futhi lokho yileyo indaba ngezwe namhlanje: kunenqwaba yezipiliyoni sasekholiji, okuningi kakhulu okubekwe phezu kwemfundo, okuningi kakhulu okubekwe phezu kobudlelwano noma ukuhlanganyela ehlelweni, siphumule komunye nomunye, siphumule kubantu abanekhono.

60 IBhayibheli lathi, "Ungaba kanjani nokukholwa uma u— uma u. . ." Ake sibone, ukanjani lowomBhalo na? "Ungaba kanjani nokukholwa uma nikhethana na?"

61 Uma silindele, sithi, "Lo mfo, ungumuntu omkhulu. Lona ngumuntu omkhulu, ngizovele nje ngincike kuye," lokho akumthokozisi uNkulunkulu uma wenza lokho. Sifanele sincike kuNkulunkulu futhi uNkulunkulu yedwa! Asifanele sethembe ikhono lethu noma nanoma yimuphi umuntu. Sifanele ngokuphelele sizinikele kuNkulunkulu.

62 Alikho ikhono, angikhathali ukuthi lingelikabani, alisoze laba nokusetshenziswa ebusweni bukaNkulunkulu. UNkulunkulu uzofanele akhiphe onke amakhono ethu kithi ngaphambi kokuba Azuze inhloso yaKhe. Uma Enokuthile kithi ukuba sikwenze, futhi uma nje sizizwela ukuthi senza umsebenzi omuhle kakhulu ngakho, khona-ke asisoze sakwazi ukusetshenziswa nguNkulunkulu.

63 Manje, wena uthi, "Wenza isitatimende esibanzi esesabekayo lapho, Mfowethu Branham." Futhi lokho—lokho ngokubanzi, kodwa buka nxazonke nje futhi uthole ukuthi ngabe kulungile noma akulungile.

64 Buka nxazonke namhlanje kukho konke okwethu ukuzuza ngempumelelo esicabanga ukuthi sikwenzile, futhi buphi ubuKristu e-United States na? Buka kuwo onke amabandla namahlelo, nabavangeli bethu nemikhankaso yokuphulukisa, nakho konke okunye esibenakho, futhi kuyini na? Kubi kakhulu kunalokho okwake kwaba yikho ekuqaleni! Kubi kakhulu namhlanje kunanoma kwake kwaba njalo, ngoba sizame ukukwenza ngekhono lomuntu.

65 Babuthana ndawonye futhi benze imikhuleko emide futhi baphume lapha. Futhi baba nakho ngelinye ilanga lapho babenenqwaba, ikhulu namashumi amahlanu enkulungwane, noma okuthize okunjalo, bebuthene ndawonye, bobabili amaProtestani kanye neKatolika; besho eminye imikhuleko, futhi bekhuleka eminye imikhuleko, futhi benza eminye imikhuleko, nokunye nokunye. Lokho kungahle nje ukuthi ababuthananga, akusizi ngalutho ebusweni bukaNkulunkulu.

66 Manje, uma ngigxeka, ngithetheleleni. Niyabo? Kodwa ngi—ngi . . . Ufanele ushayele into phansi. Niyabo? Uzofanele uyenze ishaye isipikili.

67 Futhi kwasiza ngani na? Lutho. Futhi akusoze kwabanjalo kuze kuthi wonke umuntu ozisho ukuthi ungumKristu ezokhohlwa yikhono lakhe uqobo futhi azinikele kuNkulunkulu.

68 Khona-ke uNkulunkulu angazuza inhloso yaKhe ngokuthumela . . . hhayi imvuselelo, kodwa, mfowethu, Adinga ukukwenza kuqala ukuthumela ukubulala, kunjalo, ukuze si*zokwazi* ukuvuseleleka. Ufanele ufe ngaphambi kokuba uzalwe kabusha, futhi ufanele u . . . Udinga ukuzibulala kwethu uqobo. Lelitabernakele lidinga ukubulawa, nami kanye nalo. Sonke, sidinga u—ukubulawa ukuze sizovuselelwa empilweni entsha, ukubamba okusha, ithemba elisha, isipiliyoni esisha! Sidinga kuqala usuku lokulila.

69 Sidinga indawo yokuzinikela kuMoya esikhundleni sokuncika kakhulu phezu kokufunda naphezu kwezinhlelo zethu, futhi thina . . . imikhankaso yethu nakho konke esinakho. Se—se—sethembela ekubambisaneni nabefundisi abaningi abehlukahlukene ukuze sibambisane. Sivumela abaningi kangaka . . . "Uma singakwazi ukuthola abaningi kangaka, ngani, ngeke sikwenze. Angeke siye emadolobheni ngaphandle kwalokho." Futhi khona-ke, uma senza lokho, sikwenza ngomshini omkhulu kakhulu onekhabhoni-nokhi kuwo, niyabo.

70 Ngakho-ke si—sizofanele sisuke kulokho, lelokhono lomuntu. Sifanele sifike endaweni lapho singanikela khona imiphefumulo nezimpilo zethu, ngisho nakunkosikazi wasekhaya, kumlimi, kumakhenikha, noma ngabe singubani, sifanele sizinikele ngokuphelele kuNkulunkulu futhi sazi ukuthi "asiyilutho." Khona-ke vumela uNkulunkulu aqale lapho.

Khona-ke Uqala ukuhamba, esebenza. Futhi kuhlanganisa thina sonke, wonke umuntu. Lokho yi—yinto esifanele siyenze.

71 Umlando uyafakazisa, uyakwenza manje, ufakazisa (umlando uyakwenza) ukuthi uNkulunkulu njalo wakhetha abantu abangelutho ukuba babe ngabantu abathile baKhe. UNkulunkulu uthatha umuntu ongelutho.

72 Namhlanje, ngaphandle uma ungenaso isendlalelo sesayense yezenkolo esikahle, kungcono ungazami ngisho ukusondela edolobheni, kungcono ungazami ngisho ukusondela emhlanganweni. Kodwa uma unezendlalelo ezinkulu, nokuqeqeshwa okukhulu nezinto emva kwakho, ungaya kunoma yiliphi idolobha futhi uthole ukubambisana, ube nomhlangano omkhulu. Awu, akusiwo umhlangano. . . Ngumhlangano, nanjenganoma yini enye, kepha usiza ngani na? Niyabo, u—usa. . . Uthola lamantombazanyana nabafana bekhuphuka, behlafuna ushingamu futhi behamba benyukela e-altare, nabesifazane nowesilisa behamba benyukela lapho ukuba nje bathi be “nyukele e-altare,” bangena egumbini eziyalweni futhi babuye baphume futhi bafafazwe noma bacwiliswe, noma ngabe bayini, futhi u—unyaka ukusuka lapho . . .

73 Omunye wabavangeli bethu abakhulu kunabo bonke washo, uma ubengazi ukuthi ubengasindisa amaphesenti ayishumi abaphendukile bakhe okonyaka owodwa, ubengajabula. Lapho, khona-ke, lapho uma ebengaba nabaphendukayo abayinkulungwane, ngonyaka olandelayo bekufanele kube—kube izinkulungwane eziyishumi zabo. Niyabo, sigeja umgomo, sigeja inhloso.

74 Abanye bethu bakwakhela phezu komqondo wokuhlakanipha, “O,” ukuthi, “lokhu kwazi-konke, le ndoda iyisifundiswa esiqeqeshiwe. Sifanele siqeqeshe abantu bethu futhi sibafundise.”

75 Omunye olandelayo usekeleke phezu komuzwa othile wo—womnyakazo, ukuqhaqhazela, ukukhala, ukumemeza, ukusina eMoyeni, noma okuthize, okuthize kwamadlingozi omsebenzi wangaphandle. Futhi lokho kubi nje njengemfundo! Uma udeveli engakwazi ukukuthola ku*lolu* hlangothi, uzokuphusha uphume ku*lolo* hlangothini.

76 Kepha into yakho ingukuthi, awunalutho ongathembela kukho ngokwakho uqobo noma nanoma yini ongayenza, okuphelele nje, ukuzinikela okuphelele kobuthakathaka bakho kuNkulunkulu, bese uthi, “Ngilapha.” Anginalutho, akukho khono ongathembela kulo!

77 Hlolani emuva emBhalweni futhi nithole, njengoba nginemiBhalo ibhalwe lapha ngibhekisela kuyo. Abanye emuva emiBhalweni, siyathola, ukuthi uNkulunkulu njalo wasebenzisa abantu abangelutho ukuba babe ngumuntu othile waKhe. Uhlala njalo ethatha labo izwe elalibenqabile, unyaka

wesimodeni owawubenqabile, futhi yilolo uhlobo Alucoshayo ukuba alusebenzise.

78 Cabanga nga—ngabaphostoli. Cabanga ngoPetru, umdobi, engenayo imfundo eyanele ukubhala igama lakhe uqobo. UJohane, engazi lutho futhi engafundile. Lawo indoda! Wadlula abadumileyo nompristi oyisifundiswa nosaziwayo bangalezozinsuku, izifundiswa, amalungu ebandla, futhi uthola tho-. . . labobantu ababecabanga ukuthi babengumuntu othile, futhi kwacoshwa labo ababengelutho futhi wabasebenzisa.

79 Manje, umuntu othile angaba ngomunye wabantu baKhe, uNkulunkulu angabasebenzisa uma bezimisele ukukhohlwa ukuthi bangumuntu othile. Uma uzimisele ukukhohlwa ukuthi *ungumuntu othile* futhi ube *ngumuntu ongelutho,* khona-ke uNkulunkulu angakusebenzisa futhi enze umuntu othile ngawe. Niyabo? Kodwa uzofanele ukhohlwe ukuthi ungobaluleke kakhulu.

80 Kunabaningi bethu, abaningi bethu benza lokho e—ezimpilweni zethu. Ngokushesha nje . . . Abanye abantu, bathi nje bengaba amaKristu, babangabazidlayo, abanganaki, kunjalo, lapho nje beyiphambanisa indlela. Babuyela emuva esikhundleni sokuya phambili. Lapho . . . Ngenkathi ungaphuma kakhulu kuwe, iningi indawo kaMoya oNgcwele ukuba ungene.

81 Njengoba u-Elisha atshela uJehoshafati nabo, wathi, "Gubha umfula ube-nemigodi ngemigodi. Uma ugubha kakhudlwana, iningi indawo yamazi oyitholayo." Futhi okuningi okungokwethu uqobo, kwe—kwemfucumfu yethu yamakhono ethu uqobo esingawaphosa siwakhiphe kithi, iningi indawo ezoba khona ukuba igcwaliswe ngoMoya kaNkulunkulu; uma nje singakwenza lokho.

82 UPawulu, lowo nje esisanda kufunda ngaye lapha kwa—kwabaseKorinte, kwabaseKorinte besiBili, sithola ukuthi le ndoda yayingumuntu omkhulu. Yayiyisifundiswa, umuntu omkhulu. Kepha kwadingeka akhohlwe konke ake akwazi, ukuze azi uKristu.

83 Ngizovumela . . . funda omunye walemiBhalo lapha, ukuze nina—nifuna ukuyifunda nami. Asiphenye kwabaseKorinte bokuQala, isahluko 2 futhi ivesi 1, umzuzu nje. Futhi asifunde lapha umzuzu nje okwashiwo nguPawulu, le ndoda enkulu eyisifundiswa, lokho akusho ngaye uqobo, lokho ayefanele akwenze. KwabaseKorinte bokuQala, i—isahluko 2 kwabaseKorinte bokuQala, futhi siqale ngevesi 1. Lalelani lesisifundiswa.

84 Le ndoda yayiqeqeshiwe. Yayingakhuluma cishe impela noma yiluphi ulwimi olwalukhona ezweni. Yayifanele iqhoshe ngakho. Yakhuliswa ngaphansi kwehlelo lenkolo eliqinile labaFarisi, futhi uyise wayengumFarisi. Kamuva yaba ngu "mFarisi wabaFarisi," futhi lokho kusho ukuthi

yona—yona ngokoqobo yayingo—ngoqinile kunabo bonke abaFarisi. Yayingumfo omkhulu. Futhi yayinegunya, futhi yayihlakaniphile.

85 Uyise wayeyinike imfundo ngaphansi kukathisha obedlula bonke owayekhona ezweni lonke, uGamaliyeli, ngalesosikhathi uthisha owayegqamile kakhulu wanoma yiziphi izikole. UPawulu uba yilolohlobo lwendoda. Wafunda lonke ulwimi. Wafunda isayense ephathelene nokusebenza kwengqondo. Wafunda zonke izinto ezihlukile okungukuthi ezikhona e—e. . . ukuba zifundwe ngaleyondlela. Futhi wancika kanzima e—etabernakele la—labapristi kanye ne—nendoda enkulu. Futhi wayehamba enza umonakalo weBandla.

86 Lalelani le ndoda efanayo, nayo yonke le mfundo, emuva kokuba yayemukele uKristu. Lalelani lokho eyakusho. Ukuthi yayinamandla futhi inkulu kangakanani, yadingeka ikukhohlwe. Yadingeka ukuba iqonde ukuthi yayingeke yethembele kuyo uqobo. Yadingeka ukuthi iqonde ukuthi imfundo yayo yayingelutho. Yadingeka iqonde, ukuthi konke ukuqeqeshwa eyake yaba nakho, yayizofanela ikhohlwe yonke into eyake yaqeqeshelwa yona. Ilaleleni manje.

> . . . *nami, bazalwane,* ukufika *kwami kini,* . . . *angifikanga ngobungcweti bokukhuluma* . . . *bokuhlakanipha,* niyabo, *ngimemezele kini ubufakazi bukaNkulunkulu.*

"Angifikanga ukuba nginitshele ukuthi, 'Manje, nginguDokotela Sawulu ovela eSikoleni sika*S'bani-bani,* ngiyi . . . phuma ehlelweni lenkolo elikhulu lalelihlelo.' Angifikanga kini kanjalo."

> *Ngokuba* mina *nganquma ukuthi angiyikwazi okunye phakathi kwenu, kuphela uJesu Kristu, lowo obethelwe esiphambanweni.*

87 Lapho, lalela ebufakazini bendoda ekanjalo.

"Nganquma ukungazi lutho ngamakhono enu. Ngiyazi ukuthi akukho lutho kini futhi nganquma kuphela ukwazi into eyodwa engiyibona kini, lowo nguJesu Kristu futhi Yena ebethelwe. UMsindisi obethelwe phakathi kwenu, yilokho kuphela engizokuqonda."

88 Mlalele.

> *Mina ngangikini* . . . (ubukhulu? Kuphi na?) . . . *ubuthakathaka, nangokwesaba, na* . . . *ngokuthuthumela okukhulu.*

89 Ubungathini nje indoda, umFarisi wabaFarisi, uthisha wothisha, indoda eyayiqeqeshiwe kusukela ebuntwaneni (ngenkonzo) ukuba ibe yindoda enobuciko bokukhuluma ehlakaniphile futhi ekhaliphile, ukuba ize ngaphambi kwezinga labantu njengabaseKorinte bese ithi, "Nganginani

ebuthakathakeni, nasekwesabeni, nasekuthuthumeleni okukhulu"? Indoda eyagumbuqela izwe phansi, isithunywa senkolo esikhulu kunazo zonke ezake zaziwa, yavuma ukuthi yayi "fike ebuthakathakeni," hhayi njengesifundiswa esiqeqeshiwe, kodwa "ebuthakathakeni, ngokwesaba," hleze yayizophuma eNdleleni ndawondawo. "Ekuthuthumeleni okukhulu," ngoba yayingenakuthembela ekhonweni okungelayo uqobo.

90 Isizathu yayi "saba," hhayi ngoba yayesaba noma yini, kodwa yayesaba ukuthi yayingezukumthokozisa uNkulunkulu ngandlela thize, ukuthi yayizothola ikhono layo lixutshaniswe phakathi kuKho; into ethize eyayiyifundile, ukuthi yayine . . . Yayibatshela ukuthi, "Angifikanga kini ngalobubugcweti bokukhuluma (ngifika kini ngokwe*saba* ukuthi bengingafika ngaleyondlela), kepha ngifika kini ngingazi lutho ngaphandle kukaKristu, futhi Yena ebethelwe."

> *Mina* ngiza *kini* ngokwesaba, nobuthakathaka, *nangokuthuthumela okukhulu.*
>
> *Nokukhuluma kwami nokushumayela kwami akubanga-ngamazwi okuhlakanipha ahungayo, kepha kwaba-ngesibonakaliso sikaMoya na . . . amandla*:

91 Lalelani lendoda eyayiliqhawe yazihlubula qobo lwayo. Amen! Uma kukhona noma yini izikole zethu eziyidingayo namhlanje, uma kuyinoma yini amabandla ethu ayidingayo namhlanje, ukuzihlubula wona uqobo, kwemicabango yenu namakhono enu uqobo. Zihlubuleni phambi kukaNkulunkulu ngaphandle uma nizozama ukwenza okuthile ngaphakathi kwenu.

92 Ngiyethemba nina . . . lokho kwehla ngokujulile kithi, kokubili lapha nasezweni leteyipu, futhi, ukuthi niyaqonda ukuthi nifanele ningabi yilutho. Hhayi owazi-konke, hhayi umuntu othile omkhulu, kepha *umuntu ongelutho*. Uzoba . . . ufanele ube wuthuli. Uzofanele ufike endaweni owaziyo ukuthi awuyilutho. Futhi ungalokothi uphakame ngaphezu kwakho, ngoba lapho nje uphakama ngaphezulu kwakho uphakama ngaphezu kukaNkulunkulu. Uzofanele uzigcine othulini nasendleleni eya eDamaseku. Uzofanele uzehlise. Futhi lokho okwakuyo yonke indawo, lapha nasezweni leteyipu.

93 "Inkulumo yami," yathi, "ayi . . . amazwi okuhlakanipha ahungayo omuntu nokuhlakanipha komuntu, kepha ngesibonakaliso soMoya wamandla."

94 Manje bhekisani! "Okwani, Pawulu na? Kungani wenze lokhu na?"

> Amandla! *Ukuze ukukholwa kwenu kungemi ngokuhlakanipha kwabantu, kume ngamandla kaNkulunkulu.*

95 O, umshumayeli onje pho! Le ndoda enkulu eya . . . Eyafuna uNkulunkulu, futhi yathi, "Nkulunkulu, ngibuthakathaka futhi ngi—angazi ukuthi ngenzeni. Ngiyakhuleka Wena, Nkulunkulu, ukuba ungiqinise futhi ususe ubuthakathaka kimi, nalezizinto, ukuze ngizoba namandla kakhudlwana."

96 UNkulunkulu wamphendula, wathi, "Pawulu, amandla okuqina aMi aphelelisiwe ebuthakathakeni bakho."

97 Khona-ke uPawulu wathi, "Uma ngibuthakathaka khona-ke nginamandla. Yebo!" Wathi, "Khona-ke ngizo . . . ngiyakudumisa ebuthakathakeni bami nobuthakathaka bami nokunye nokunye. Ngibonga uNkulunkulu ukuthi ngikukhiphile konke kimi. Futhi uma ngikhiphe konke kimi, khona-ke uNkulunkulu angangena. Kepha uma nje ngisenokuthile kobumina lapho, khona-ke uNkulunkulu angeke angene."

98 Lapho, yilokho-ke, si—siyaMgqiba. SiyaMxosha ngokwethu . . . Kusukela kompofu kunabo bonke kithi kuya kocebile kunabo bonke kithi, kusukela komncane kunabo bonke kuya komkhulu kunabo bonke, sivimbele uNkulunkulu ezimpilweni zethu ngenxa yobuthina uqobo.

99 Bengihlale ngithi, "Isitha esikhulu kunazo zonke enginaso nguWilliam Branham." Nguye ongena endleleni kaNkulunkulu. Nguye ovilaphayo. Nguye ongena endaweni ngezinye izikhathi lapho ecabanga ukuthi angenza okuthile ngakho, futhi, lapho enza, lokho kuphushela uNkulunkulu ngqo aphume esithombeni. Kodwa uma ngingasusa lowomfo, uma ngingafika endaweni okungukuthi uyadeda endleleni, khona-ke uNkulunkulu angawela futhi enze izinto uWilliam Branham angazi lutho ngazo.

100 Yilapho uNkulunkulu engakusebenzisa khona. Yilapho Angasebenzisa noma yimuphi kini. Engasebenzisa noma ngubani uma sideda endleleni. Kodwa uma nje sizifaka endleleni, khona-ke asikwazi. Kulungile.

101 Manje siyathola, lo mfo omkhulu, uPawulu, wayeyi—wayeyinkosana phakathi kwabashumayeli. Wayehlonishwa yilo lonke ihlelo. Leyondoda yayingaya edolobheni futhi ibe nomhlangano noma kuphi. Ngoba ngani na? Wayenezincwadi ezimchazayo. Ngani, wayemkhulu kakhulu, futhi ephokophelele ukuphihliza bonke abantu owayebuthakathaka, waze wathola amandla kumpristi omkhulu, igunya eliphezulu eliphakeme kunawo onke, ukubopha onke amaKristu. Amandla ezombusazwe avela ebandleni lakhe, ukubabopha bonke! O, wayenamandla! Wayengabopha amaKristu futhi awaphose ejele ngoba ayengenakuvumelana naye ezimfundisweni zakhe zesayense yenzekolo, phezu kwezimfundiso zabaFarisi nabaSadusi. Wayebopha amaKristu.

102 Kodwa, qaphelani, wadingeka aboshwe, yena uqobo, ukuze ezolahlekelwa yikho, wayengalahlekelwa amandla okuqina akhe

negunya. Waboshwa, qobo lwakhe, ukuba alahlekelwe yilokho ayenamandla okubopha ngakho. Wadingeka alahlekelwe yilokho ayeyikho, ukuze aboshwe.

103 UNkulunkulu udlula abadumileyo! Wadlula abapristi. Wadlula labo ababengabazidlayo. Futhi Wakhetha uPawulu, le ndoda enkulu, futhi wamenza wawela othulini lomhlabathi futhi wenza izinto aye . . . njengalabo abanye wayekwenza. Wabenza baziphatha nge . . . wamenza waziphatha ngendlela efanayo labo ayebabopha. Wabopha uPawulu ngoMoya kaNkulunkulu, ukuze amkhulule emandleni ayenawo ukubopha amaKristu ngawo. Ungitshela ukuthi uNkulunkulu akazi ukuthi Wenzani na? Wasusa amandla okuqina akhe ukuze alahlekelwe ukubamba kwakhe—kwakhe.

104 Bangaki abefundisi uNkulunkulu angabasebenzisa kulokhukusa uma nje bebengavumela kuphela uNkulunkulu ababophe ngeZwi laKhe nangamandla aKhe, futhi abakhulule emandleni okuqina alawo mahlelo nezinhlangano! Bangaki abantu abaqotho kulelidolobha, kulokhukusa, abaya kulamabandla enhlangano amakhulu, bangaki Angabagcwalisa ngoMoya oNgcwele, futhi bavuthise lelidolobha ngeVangeli namandla, uma kuphela bebengathatha futhi bazikhulule emandleni abanawo futhi baboshwe nguMoya waKhe, ukuba babenjengoba uPawulu wayenjalo, uthando lwesigqila kuNkulunkulu!

105 UNkulunkulu wathatha uPawulu futhi wamenza isigqila, wambophela kuYe uqobo futhi wamthumela kwabeZizwe ayebazonda. Kepha, niyabo, kwakudingeka azikhulule emandleni akhe obufundisi, ukuze aboshelwe emandleni kaNkulunkulu. Kwadingeka alahlekelwe amandla okuqina akhe futhi abebuthakathaka futhi angabiyilutho, ukuze emukele amandla okuqina kaNkulunkulu, ukuze aboshelwe kuNkulunkulu, ukuze enze lokho uNkulunkulu abezomtshela ukuba akwenze.

106 Yilokho okufanele sikwenze namhlanje. Yilokho engikudingayo. Yilokho wonke umuntu akudingayo, ukulahlekelwa ngubuyena uqobo, ukulahlekelwa yikhono lakhe, ukulahlekelwa yilokho ayikho, ukuthi angahle azinikele ngokuphelele kuMoya oNgcwele. Inkosikazi yasekhaya idinga lokho. Umfana wesikole udinga lokho. Sithatha . . . ngisho nabantwana bethu abancane.

107 Umfana othize omncane engicabanga ngaye, izolo ntambama noma kuthangi, noma ngolunye usuku, wangena wathola udadewabo omdala ukuba ambhalele isifundo sakhe ngokushesha impela, futhi uyaphuma watshela abafana abancane, wathi, "Whewu! Lezo zibalo besilula." Niyabo, bafundiswe, impela, ukukopela.

108 Bekungabangcono kakhulu kanjani ukube. . .Futhi labobantu bayizinsika ebandleni. Bekungabangcono kanjani ukube uBabayi, ekuseni ngesikhathi sokudla kwasekuseni, athi, "UJohn uzoba nokuhlolwa kwakhe namhlanje. O Nkulunkulu, yiba noJohn! Siza uJohn! Ungicelile ekamelweni lokulala kulokhukusa, uthe, 'Babayi, ungikhulekele namhlanje, kufanele ngimele ukuhlolwa kwami. Ngikhulekele.'"

109 Ngingaqoka ukuba umfana wami athole o—omuhle, u "F" ofanele ekhadini lakhe, ukuba afeyile, kunokuba bengazi ukuthi uthole u "A" oqondile futhi uyakukopela. Yebo, mnumzane! Esikudingayo ukulahlekelwa yithina uqobo, sethembele ngakho konke emandleni kaNkulunkulu.

110 Manje, "ukuboshwa." UNkulunkulu udlula abadumileyo futhi uthola ababuthakathaka. UNkulunkulu udlula labo abacabanga ukuthi bayinto ethile, ukuthatha umuntu othile ongazi lutho ukuze asebenzele inhloso yaKhe empilweni yabo. Yilokho esikutholayo.

111 UNkulunkulu washo kuPawulu, "Amandla okuqina aMi aphelelisiwe ebuthakathakeni bakho. Amandla okuqina aMi—aMi aba ngaphelelisiwe kakhulu lapho uba buthakathaka kakhulu. Ngenkathi ungazinikela kakhulu kiMi Ngingakusebenzisa kangcono. Ngenkathi ungakhohlwa kakhulu imfundo yakho, ngenkathi ungakhohlwa kakhulu ihlelo lakho, ngenkathi ungakhohlwa kakhulu izinto zakho futhi uzinikele kiMi, kulapho Ngingakusebenzisa khona kakhulu. Isizathu uba buthakathaka, Ngizo—Ngizokwenza inhloso yaMi uQobo ibe namandla."

112 UNkulunkulu angenza amandla okuqina ebuthakathakeni! Yingalesosizathu Ehlala ekwenza. Ngenkathi Ekhethe abafundi baKhe, ubani owayengacabanga . . .

113 Ukuzehlisa kweNdodana yaKhe uQobo ngenkathi Izalwe emkhombeni, enqolobaneni enomquba, esibayeni senkomazi, futhi yasongwa ngembeleko! Niyabo, Yayingafika ngesigodlo. Yayingehla ngemihubhe yaseZulwini, nakho konke. . . ukubingelela okugcwele kweNgelosi. Kodwa Wakhetha ukwenza uKristu iSibonelo sethu, ukwenzela thina, futhi waMngenisa ngokuzehlisa.

114 Akazange aMqeqeshe ezikoleni zalelizwe, kodwa WaMqeqesha ngamandla aKhe uQobo, ukuze. . .ukuze Akwazi ukuzinikela ngokuphelele qobo lwaKhe, hhayi emicabangweni yomuntu noma emandleni okuqina ezwe, kodwa azinikele qobo lwaKhe emandleni kaNkulunkulu.

115 Futhi yilokho esiyikho namhlanje, siyazinikela namhlanje emahlelweni ethu amakhulu namazinga. Siyazinikela ngale ehlelweni, ukuthi lizothini, ukuthi *bona* bathini ngakho. Kepha lokho kuphambene nentando kaNkulunkulu. Sifanele sizinikele

eMoyeni kaNkulunkulu bese siya lapho uMoya othi asiye khona. Kunjalo.

116 AmaHeberu kaNkulunkulu ukuthi thina, noma, amabutho kaNkulunkulu, njalo, "amaqhawe." Sisanda kufunda nje eNcwadini yamaHeberu, isahluko 11 nevesi lama 34.

> . . . *ebu*thakathakeni *waphiwa amandla,* . . .

117 Babedingeka babebuthakathaka ngaphambi kokuba babe namandla. Ebuthakathakeni babo benziwa baba namandla. Wena obhala imiBhalo, ngaleya, amaHeberu 11:34. Kulungile.

118 Nansi into yokusiduduza. Nakhu okuthile okusikhuthazayo. Ebuthakathakeni nokuzithoba kukaNkulunkulu ekhetha abantu ukuba bakhe uMbuso waKhe ngakho. Uma singake sifike eZulwini, uma singake sime eBukhoneni bukaNkulunkulu neBandla laKhe, sizoma esigejaneni sabantu abakade bebuthakathaka futhi benqatshiwe futhi bakhishwa yizwe, futhi abangazi-lutho.

119 Akumangalisi ukuthi uNkulunkulu wasifanisa nezimvu na? Imvu iyinto engenasizo ukuzedlula zonke ekhona. Ayikho into esilele ekuzivikeleni kunemvu. Unogwaja ungagijima; ingwejeje ingangena esihlahleni; inja ingaluma; ibhubesi lingadwengula; ihhashi lingakhahlela; inyoni ingandiza; kepha imvu iyama ingenalusizo.

120 Futhi yileyondlela uNkulunkulu asifuna ngayo. Siqonde ukuthi sisilalele ngokuphelele, khona-ke uNkulunkulu uthatha lowomuntu bese eqala ukuZibumba kulowomuntu; enze izandla zakhe zenze lokho uNkulunkulu abengakwenza ngezandla, enze izindebe zakhe zikhulume lokho izindebe zikaNkulunkulu ebezingakukhuluma; ngoba azizona ezakhe, zingezikaNkulunkulu. Uqala ukwakha isimilo sokuziphatha, uqala ukuthatha lobu buthakathaka nokwenza isiQu saKhe uQobo.

121 Usiletha lapha emhlabeni, ngoba khona-ke . . . Sifundile, sihlakaniphile. Senake nayiqaphela imigqa, uzalo na? Uma sithatha, isibonelo, njengaku-Abela, kusuka ku-Abela kuvela uSeti; ozalweni lukaSeti kwehlela phansi ngqo, kuqhubekele phansi esikhathini sikaNowa, bonke babengabalimi abazithobile nje. Kepha abantwana bakaKayini babangabahlakaniphile, abanobuqili, abafundile, amadoda amakhulu, abakhi, amadoda afunde agogoda.

122 Kodwa uhlangothi lukaNkulunkulu lwalubuthakathaka futhi luzithobile. UNkulunkulu wabasebenzisa kanjalo-ke. Lelo yithuba likaNkulunkulu. Leyo indlela kaNkulunkulu yokufinyelela kithi, kulapho sibuthakathaka khona. Sithola okuthile ngaleyonkathi. Lokhu kuyasikhuthaza, kusobala, ngoba uMbuso wonke kaNkulunkulu wakhiwe ngaloluhlobo lwabantu. Khona-ke lapho ufika kulolohlobo lwendlela khona-ke u—unga . . . useMbusweni waKhe.

123 Udaba lungukuthi, ngathi, ukuthi...hhayi ukuthi sibuthakathaka kakhulu, udaba lungukuthi sinamandla kakhulu. Si—si—sinamandla kakhulu nje. Yilokho kuphela. Into yakho ingukuthi sinamakhanda aqine kakhulu. Kunjalo, siqine kakhulu ekhanda lethu. Sazi kakhulu. UNkulunkulu ufuna ukukhipha lokho kithi. Kunjalo. Sinamandla kakhulu, sinamandla kakhulu ukuba sizinikele kuYe. Sine...Si—sizinikela kithi uqobo. Sifanele sicabange, "Awu, manje, lapha, ngi—nginengqondo eyenele ukwazi!"

124 Ngamangala ebusukwini obumbalwa obedlule ngenkathi umama wayegula, ngaphandle esibhedlela. Ngaya e... Kwakunenenekazi elincane kwamakhelwane...Uma lelo nenekazi elincane lilapha, ungixolele, dadewethu. Liyintombazane encane yaseKentucky evela ezansi lapho, futhi sasi...futhi lowo kwakunguninazala walo. Futhi ngangikhuluma nalo ngalobobusuku, unkosikazi nami, lapho cishe ngelokuqala nqo ekuseni. Futhi umyeni walo wayelele phansi kwiphansi lendlu futhi wahamba ukuyolala; wathi, "Phuma lapha! Awulungile kumama wakho, empeleni." Futhi lamxosha, umyeni walo, lamkhipha ekamelweni, ngoba wayelele khona ngqo enqume emnyango lapho abahlengikazi, akukhomuntu owayengangena; ehonqa nje, kwiphansi lendlu. Ngakhoke lamvusa futhi lamxosha.

125 Futhi lalizokhuluma lapho. Ngangizokhuluma nalo ngeNkosi, nokunye nokunye. Futhi lathi, "Awu," lathi, "konke engake ngakwazi yigeja eliyintamo yehansi esiqintini sikagwayi, kuse-eli ekuseni, nginquma ukhula futhi ngimunce ugwayi, nokunye nokunye kanjalo." Lathi, "Kodwa, ngiyakutshela," lathi, "ubaba wasithumela, sonke, esikoleni." Futhi wathi, "Namanje asinamqondo."

Ngacabanga, "Awu, mhlawumbe yingalesosizathu."

126 Niyabo, u—ufanele uqhelise izinto zezwe kuwe. Manje, angisekeli khona ukungazi, hhayi—hhayi lokho, kodwa ngizama ukucabanga lapho ufika endaweni lapho ocabanga ukuthi uvele nje—uvele nje wazi kakhulu kangako kuze kungabikhomuntu omunye owazi noma yini ngakho. Ulwazi lwakho lulungile uma nje lunga—lungashayisani nezithembiso zikaNkulunkulu.

127 Silawulwa imizwa emihlanu, futhi leyomizwa emihlanu (ukubona, ukunambitha, ukuthinta, ukuhogela, nokuzwa) muhle kakhulu kuze kuba yilapho iphazamisa umuzwa wokuKholwa. Khona-ke uma imelana nokuKholwa... Futhi wazi kanjani ukuthi yimuphi oqinisile na? Ngoba ukuKholwa njalo kuzovumelana neZwi. Bese kuthi-ke uma—uma ukukholwa kwakho kuphambene neZwi, noma ucabanga ukuthi kunjalo, khona-ke awunakho ukuKholwa. Unokuzenzisa. Unokuqhosha emizweni yakho, yomfundaze othile ofunde ngawo, noma okuthile. Kodwa uma usuka kulokho

futhi uthembele ngokuphelele ekuKholweni, futhi ukuKholwa kungakhiwa kuphela phezu kweZwi likaNkulunkulu (ukuKholwa okuqinisile).

128 Udokotela wake washo kimi, wathi, "Ngiyakholwa, Billy, uma labobantu . . . uma uzobatshela ukuthi abaphumele phandle lapho futhi bathinte lesosigxobo, lesosihlahla, futhi bakholwe ukuthi bazosinda, bazosinda nje ngokufanayo."

129 Ngathi, "Qhabo, mnumzane. Ngeke kwenzeke, dokotela, ngenxa yalento eyodwa, niyabo, labobantu bayazi ukuthi leso nje isigxobo. Bayazi ukuthi abukho ubumsulwa kanjalo awekho amandla okuqina kulesosigxobo."

130 Kodwa noma iyiphi indoda elinganisene ngokwengqondo ibiyokwazi ukuthi lelo yiZwi likaNkulunkulu ophilayo, ukuthi ngingasekela ukukholwa kwami phezu kwalokho futhi ngazi ukuthi Lingu ISHO KANJE INKOSI! Futhi uma noma yini iphambene naLelo, khona-ke angiyikholwa imizwa yami. Qhabo, mnumzane, ishiye nje kanjalo. Hamba ngomunye umuzwa wakho, umuzwa wokuKholwa.

131 Kulungile, uNkulunkulu uthatha labobantu ukwenza . . . Uma bengabantu abangelutho, bazozinikela kuYe.

132 UD. L. Moody waseChicago, wayengowaseBoston, wayengumthungi wezicathulo; omncane, umfo omncanyana kakhulu, ongakwenele, akazange athembele kuye uqobo. Manje, thatha lezizikole ezinkulu abanazo, iSikole iMoody phezulu lapho, uma uDwight Moody ubengavuka futhi futhi abone lesosikole, into yokuqala uDwight Moody abengayenza ukususa lesosikole.

133 Uma uMartin Luther ubengavuka, into yokuqala abezoyenza ukususa inhlangano yamaLuthela. UJohn Wesley naye ubezokwenza okufanayo. Lawomadoda awakaze azisungule lezozinhlangano, kwakungamadoda awalandela, enza lokho.

134 UPawulu akazange ahlele ibandla, ngoba washo, qobo lwakhe, "Emuva kokumuka kwami, amadoda ezixuku zenu uqobo ayovuka phakathi kwenu, ekhuluma izinto eziphendukezelwe." Kwakungemva kokufa kukaPawulu, futhi ikhulu (noma amabili) leminyaka emva kwalokho, ukuthi babumba ibandla leKatolika, inhlangano yokuqala.

135 Amadoda avuka! Kwakusemva kokufa kukaMoody ukuthi babaneSikole iMoody; emva kokufa kukaWesley ukuthi babumba ibandla likaWesley; emva kokufa kukaLuther ukuthi babumba ibandla likaLuther. UNkulunkulu uthumela amaqhawe; futhi ayakha . . .

136 Akumangalisi uJesu athi, "Nina—nina zindonga ezicakiwe!" Wathi, "Ni—nihlobisa amathuna abaprofethi, futhi yini enabafaka lapho!" Kunjalo.

137 Lamadoda amakhulu avuka; khona-ke abakhela isikhumbuzo. Ngiyacabanga, njengoDavide nje, "Wakhonza uNkulunkulu kahle esizukulwaneni sakhe uqobo." Ngakho-ke yileyondlela yokukwenza. Makuthi izinhlangano nezinto lapho, okungukuthi, kungasondeli kini.

138 UMoody, umthungi wezicathulo omdadlanyana, wayebuthakathaka. Wayeyisibonelo sobuthakathaka. Into yokuqala nje eshiwoyo ukuthi uMoody wakwenza... Wayengenamfundo nhlobo, futhi ukukhulunywa nokubhalwa kolwimi kwakhe kwakuphansi kakhulu kwakwesabeka. Indoda ifika kuye ngesinye isikhathi yathi, "Mnu. Moody," yathi, "ukukhulunywa nokubhalwa kwakho kolwimi kuphansi kunakho konke engake ngakuzwa empilweni yami."

139 Wathi, "Ngizuza imiphefumulo ngokungazi kwami, wenzani ngemfundo yakho na?" Ngicabanga ukuthi leyo kwakuyimpendulo enhle. Impela kwakuyiyo!

140 Futhi manje, uba yilungu lalesoSikole, uzofanele impela ube yisifundiswa esiphucuzekile. Kunjalo. [Umfowethu uthi, "Bavele bakuhlehlisa!"—Umhl.] Manje, ya, "bakuhlehlisile" kulungile, babuyela emuva ngqo ngenye indlela.

141 Yilokho abantu abakwenzayo. Ngenkathi ngisho ekuqaleni komyalezo wami...Esikhundleni samaKristu ezithoba futhi ezithulula ukuba athole indawo eningi kaNkulunkulu, azama ukwakhela phezulu olwazini olwenziwe ekhaya, noma esikoleni esithile sokufundela imisebenzi enhlobonhlobo, noma okuthile, okubaqhuba baqhele kakhulu kuNkulunkulu kunokuba babenjalo lapho beqala.

142 Yilokho engicabanga ngakho ngalokhu ukubizela e-altare okubunjiwe. Uyamngenisa, futhi ngesikhathi esilandelayo kunzima kakhulu ngokuphindwe kashumi ukuba uphinde umbuyise futhi. Myekele ahlale futhi alalele kuze kube uNkulunkulu umenzela okuthile! Bese kuthi-ke umyeke eze futhi akuvume, futhi asukume, ebiza iGama leNkosi. Kunjalo.

143 Qaphelani uMoody, ebuthakathaka kwezemfundo, ebuthakathaka ekukhulumeni, wayenswininiza ngekhala lakhe. Ngangifunda nje umlando wakhe ngelinye ilanga, "Enswininiza ngekhala lakhe, isimo sekhala." Ngokomzimba emncane, umfo onempandla, ubuhwanqa bulengela phansi kwakhe...?...; omncane, omncanyana, umfo omfishane. Ngokomzimba, wayevithizekile ngokomzimba. Ngakho-ke wayengenalutho ngaphandle kobuthakathaka obuqhubekayo. Kodwa uNkulunkulu wamsebenzisa ukuzamazamisa izwe osukwini lwakhe!

144 Ngesinye isikhathi kwakukhona intatheli eyaya emhlanganweni wakhe (ngangifunda), futhi izintatheli, ukwenza umbiko ekutheni kwakuhlobolunі lomuntu lolu (indoda enkulu, umfo omkhulu).

145 Iphi leyoswishi encane ocisha ngayo amateyipu na? Lokhu na? Ngizofanele nje ngikubambe lokho lapho.

146 I—indoda enkulu, uMoody ayeyiyo. Wayeyindoda ekahle. Futhi ngakho-ke wayengadonsa ukunaka kwabantu, ababambe bashaqeke. Ngakho-ke kwakukhona intatheli eyaya kuMnu. Moody futhi yasho . . . yaya emhlanganweni ukuyokwenza umbiko ngokuthi hlobo luni lokwakheka olukhulu . . .

147 Njengentatheli nje esanda kuhamba futhi yabika ngomunye umvangeli omkhulu, maduze nje, yathi, "Leyondoda inobuciko bokukhuluma. InguDokotela wezobuNkulunkulu. Isebenzisa ukukhulunywa nokubhalwa kolwimi ngendlela ezedlula zonke engake ngayizwa. Ibamba abantu ngesayense ephathelene nokusebenza kwengqondo. Ingabenza abantu baphenduke."

148 "UDwight Moody," lapho intatheli yahamba, yathi, "Angiboni ukuthi yini ekuye ehehayo kunoma ngubani." Yathi, "Into yokuqala, mubi njengoba engabanjalo. Into elandelayo, uvithizekile ngokomzimba. Into elandelayo" yathi "u, akanamfundo. Ukukhulunywa nokubhalwa kolwimi kwakhe kuphansi kunakho konke engake ngakuzwa!" Futhi wathi, "Unokunswininiza nokundonda uma eshumayela." Futhi wathi, "Angiboni lutho kuDwight Moody obelungaheha ukunaka kukanoma ngubani."

149 UMnu. Moody walethelwa udatshana. Walufunda, wathi ukugigitheka kuye uqobo, wathi, "Impela qhabo; nguNkulunkulu. Impela! Abantu abezi ukuzokubona uDwight Moody, beza ukuzobona uNkulunkulu."

150 Abantu abakhathalele ukuthi ufakaza kangakanani, bafuna into yangempela ethile lapho empilweni yakho efakazisa ukuthi uNkulunkulu ukubambile. Yiba yiMethodisti, iBaptisti, iPentecostal, noma ngabe ungubani, bafuna ukubona uNkulunkulu. Kunjalo, amadoda e . . . amadoda amakhulu, amadoda abuthakathaka futhi ayabuqonda ubuthakathaka bawo.

151 Bukani uMose, insizwa enobuhlakani. O, wayeyisifundiswa. Wayeqeqeshwe kakhulu kukho konke ukuhlakanipha kwabaseGibhithe wayengafundisa amaHeberu. Wayengafundisa abaseGibhithe. Wayengafundisa noma ngubani, ngoba uMose wayeyindoda enkulu, umfo ohlakaniphile. O, wayeyindoda enamandla.

152 Ekucabangeni kukaCecil DeMille ngakho, lapho—lapho ayedlale *Imiyalo EyiShumi*, futhi wayebe nalendoda efikayo eyayi . . . Ngiyalikhohlwa igama lendoda eyayidlale ingxenye kaMose phakathi lapho, umlingisi othize, kodwa indoda enkulu enezingalo ezinkulu namandla okuqina. Futhi uMose mhlawumpe wayeyilolohlobo lwendoda.

153 Siyazi ukuthi wayeqinile futhi eqeqeshwe kahle, ngakho-ke wazethwesa yena, ebona isidingo sosuku. (O, kwangathi

uNkulunkulu angavumela lokhu kuzike ekhaya!) Ebona isidingo sosuku, uMose ngamandla akhe obuhlakani nekhono lakhe ayenalo ukuba akwenze ngalo . . . Wayeyindoda ehlakaniphile. WayenguFaro ozayo. Wayenesayensi yokusebenza kwengqondo. Waye—wayenamandla. Wayenamandla ngokomzimba. Waye—wayenakho konke. Ngakho-ke wathi, "Ngihlome kahle. Ngiyakwazi konke. Futhi uma kunendoda ezweni engakwenza, ngiyiyo. Ngakho-ke, ngiyindoda yehora ngakho-ke ngizophuma." Futhi waphuma ukufeza umsebenzi owawulungile futhi entandweni kaNkulunkulu, futhi wanikela ngamakhono akhe emvelo. Futhi uNkulunkulu wakwenqaba! Wayengeke akwazi ukusebenzisa into eyodwa uMose ayenayo.

154 Wayengeke akwazi ukukusebenzisa ngaleyonkathi, kanjalo Yena . . . angeke Akusebenzise manje. UNkulunkulu angeke asebenzise amakhono ethu emvelo. Sifanele siphume endleleni qobo lwethu namakhono ethu, futhi sizinikele entandweni nasemandleni kaNkulunkulu.

155 Uthi, "Awu, mfowethu, ngingashumayela." Angeke akusebenzise lokho inqobo nje uma *wena* ungashumayela. "Kulungile, ngingakwenza *lokhu*, ngingakwenza *lokho*." Angeke wenze lutho. Awu, khona-ke uNkulunkulu angeke akusebenzise. Kodwa uma uzozinikela kuNkulunkulu futhi uMvumele akwenze!

156 Wena uthi, "Awu, Mfowethu Branham, ngiyazi. Nginguthisha." Awu, inqobo nje uma *wena ungu*thisha, ngani, angeke Afike kude kakhulu. Kepha uMoya oNgcwele unguThisha wethu. Impela, Unguye! UNkulunkulu wathumela uMoya oNgcwele ukuba ube nguMfundisi phezu kweBandla.

157 Abanye abantu baya esikoleni iminyaka neminyaka neminyaka. Benzani na? Bafunda izindatshana phandle eKamelweni eliPhezulu, futhi ngakho-ke (o, lokho kuhle) uthatha isifundo sesikole iNational Sunday. Anginalutho olumelene nalokho. Lelo ngamaZwi kaNkulunkulu, nezinto, kepha kuhlanganiswe ndawonye ngobuhlakani! Kuzofanele kufike ngamandla nangokuvuka kukaKristu, futhi ngeke wethembele emakhonweni akho emvelo.

158 Ngakho-ke, uMose, lesi esincane, isiqhwaga esinamandla esikahle, indoda ehlakaniphile, yahlela ukwenza umsebenzi omuhle; kodwa uNkulunkulu kalula, ngokoqobo wayengeke akusebenzise. Wayengeke asebenzise amakhono akhe emvelo.

159 Futhi thina ngeke . . . Akusikho namhlanje, ukuthi thina angeke . . . uNkulunkulu angeke asebenzise amakhono ethu emvelo.

160 Kodwa kunento eyodwa uMose ayenayo engiyazisayo, wayenengqondo ngokwenele ukwazi ukuthi wayenqotshiwe. Asinayo. Yilokho kuphela. "Sizokwenza ihlelo *elisha*. Sizothola omuny'umuntu onesiphiwo sokuphulukisa, noma okuthize,"

amaPentecostal, niyabo. Niyabo? Asa—sazi nje ngokwanele ukuqonda ukuthi sinqotshiwe. Ibandla lamaPentecostal, ama-Assemblies of God, i-United, nawo onke, kubukeka sengathi abanalo ikhono lokwazi ukuthi banqotshiwe. Haleluya! O, ngifisa sengathi bengingenza lokhu kunamathele. Banqotshiwe. Inhlangano yebandla inqotshiwe! Ngokufanayo nje njengale-United States inqotshiwe, iyaqhaqhazela futhi iyesaba, futhi amabhomu ebalengela laphaya, bayazi ukuthi badanse baqhela futhi balawula impilo yabo ngesango eliya esihogweni. Futhi banqotshiwe, uMoya uphumile kubo. Uzofanele ufunisise ukuze uthole izinsizwa ziye embuthweni; babonile ukuthi kwenzekeni kwabanye. Sinqotshiwe! Ibandla linqotshiwe. Bayakwazi lokho.

161 UMose wakuqonda lokho, khona-ke wazi ngokwenele lapho-ke...UNkulunkulu wamyisa ngemuva emuva, ehlane, ukumfundisa ubuthakathaka obuthize bomuntu. Wamyisa ngemuva ukumfundisa ukuthi konke kwakumayelana nani. Wafunda kahle kakhulu! O, he, wake wasithola isifundo! UNkulunkulu kufanele ukuthi waba nesikhathi naye emuva lapho! Niyazi, uMose wayenolaka; futhi uNkulunkulu umnika inkosikazi egama linguZipora, yayinalo, futhi. Ngakho-ke ngiyacabanga yonke into yayingathokozisi kakhulu emuva kwingemuva logwadule okwesikhashana, ngenkathi ulaka lwabo lolubili luphuma ekulawulweni ngesikhathi esifanayo.

162 Ngicabanga ukuthi umcabango wakhe wobuhlakani wokuthi isayense ephathelene nokusebenza kwengqondo ibifanele ilawule umuntu ayenzanga okuningi okuhle, ngoba, ngenkathi esendleleni yakhe ezansi eGibhithe, ngibona uZipora wayesenalo ulaka. Wasika ijwabu lendodana yakhe futhi waliphosa phambi kukaMose, wathi, "Ungumyeni wegazi kimi."

163 Futhi uNkulunkulu wayemthukuthelele kakhulu Yena... wamcinga endlini yezihambi, ukube Wake wamthola ngabe Wambulala. Ngicabanga ukuthi kwakukhona izinto ezincane uNkulunkulu ayefanele amfundise zona emuva lapho, niyabo, ukuthi wayengumuntu. Bonke ubuhlakani bakhe baseGibhithe nawo onke amandla akhe obuhlakani, uNkulunkulu wayengeke asebenzise nokukodwa kwakho.

164 Wena uyafika, uthi, "Manje, Nkosi, sengifundiswe iminyaka engamashumi amane manje, ngi—ngingumfundi ohlakaniphile. Ngingalicaphuna leloBhayibheli amehlo ami evaliwe." UNkulunkulu angeke asebenzise nokuncanyana kwalokho. Niyabo? Qhabo.

165 "O, ngisonta ebandleni elikhulu kunawo wonke akhona ezweni. Ngi—ngiyi...Ngiyi *lokhu,* Nkosi. O, ngiyiPentecostal. Mina...Udumo kuNkulunkulu! Ngisanda kwemukela uMoya oNgcwele ngobunye ubusuku. Haleluya! Uzongenza ngenze *ukuthi-nokuthi.*" UNkulunkulu angeke asebenzise okuncanyana kwalokho. Qhabo!

166 Noma kuphi lapho uthola khona ukunqotshwa futhi uqonde ukuthi unqotshiwe, futhi khona-ke buyela ngemuva bese uzithoba. Yiba buthakathaka, uthole ukuthi ungumuntu. Futhi akukho nokukodwa ukuhlakanipha kwakho ongakwenza uku. . . Ubuthakathaka bomuntu abusoze basetshenziswa nguNkulunkulu; uNkulunkulu ngobuthakathaka bomuntu uyazithulululela qobo lwaKhe angene kuwe, khona-ke Uyazisebenzisa qobo lwaKhe. Uvele ube yithuluzi. Impela! Uzofanele uzikhiphe endleleni.

167 UMose, o, wafunda, wafunda ubuthakathaka bobuntu kahle impela. Wakufunda kahle kakhulu, waze, lapho uNkulunkulu embiza, wayenobuthakathaka obuyisikhombisa ukuthi angamelana nokubiza kukaNkulunkulu. Senake nafunda engxenyeni yokuqala ka-Eksodusi, ubuthakathaka obuyisikhombisa na? Ngi—nginakho kubhalwe lapha. Ngifuna nibulalele. Ubuthakathaka bokuqala ayenabo kwakungukushoda komlayezo. Ubuthakathaka besibili ayenabo kwakungukushoda kwegunya. Ubuthakathaka besithathu ayenabo kwakungukushoda kobuciko bokukhuluma. Obesine ukuzejwayeza isimo senhlalo. Obesihlanu kwakuyimpumelelo. Futhi obesithupha kwakungukwemukelwa.

168 Manje, ungaqhathanisa obakho nobakhe futhi ubone ukuthi ungaphuma nalokho, ubone ukuthi ungaba buthakathaka njengoba wayenjalo. “Nkosi, angi—ngilungile. Angikwazi ukukhuluma. Nga—nga—ngabulala umGibhithe. Angeke ngibuyele emuva. O, yonke into! Angeke bangemukele. Anginamyalezo. Ngine. . . Angikwazi ukukhuluma. Futhi ngi—ngiyanensa ekukhulumeni.” Futhi niyabona ukuthi wayenjani na? Wayengelutho! Mfowethu, wayelashiwe. Ya, uNkulunkulu wayengamsebenzisa ngalesosikhathi ngemuva kokuba eselashiwe. Niyabo? Ya.

169 Lokho yi. . . Angasisebenzisa ngemuva kokuba seselashiwe, ukuthola ukuthi “IPh.D. yami neLL.D. noL.D. abaphindwe kabili,” noma noma ngabe yini, “zonke iziqu zami azilutho.” UNkulunkulu angeke azisebenzise!

170 “Awu, ngiyi-Assembly of God. Ngiyi-Oneness. NgiyiBaptisti. NgiyiPresbyterian.” UNkulunkulu angeke asebenzise nokuncinyana kwalokho! Ngokushesha uyasuka kukho, awu, kangcono u—uzo—uzozinikela wena uqobo kuNkulunkulu.

171 Njengoba umprofethi wayenjalo, wathi, “Ngingumuntu ozindebe zingcolile, futhi ngiphakathi kwabantu abangcolile.” Futhi iNgelosi yahamba futhi yathatha u—udlawu, futhi yenyukela e-altare futhi yathola ilahle lomlilo, futhi yathinta izindebe zakhe. Khona-ke wakhala kakhulu, “Nkosi, ngilapha; thuma mina.” Ya, ngemuva kokubona wayesebonile ukuthi yena. . . Nokho engumprofethi, wayenezindebe ezingcolile.

172 Masinyane nje uma singaqonda ukuthi siyi—asiyalutho, ukuthi awulutho, uluthuli lomhlabathi . . . uNkulunkulu angeke akusebenzise . . . Yebo, olwakho ulwa- . . . Bonke ubuthakathaka bakho babungeke buqhathaniseke nobukaMose. Wayenobuthakatha obuyisithupha obehlukehlukene lapha, futhi wayefunde ubuthakathaka bomuntu.

173 Manje bukani umehluko phakathi kwa*lowo* Mose ehlangana noNkulunkulu, futhi u*Mose* ebuka phezu kwe . . . ? . . . njenganamhlanje. Wathi, "Awusho, sidinga *ukuthi-nokuthi*! Sidinga imvuselelo ezweni. Ngizokutshela engizokwenza, ngibuyela emuva futhi ngifunde ngize ngithole iZiqu zoBuciko. E-hhe! Ngibuyela emuva futhi ngifunde ngize ngithole ukugcotshwa njenge LL.D. Ngizofunda incwadi efundwayo. Ngizokwenza konke lokhu, khona-ke ngizophuma futhi ngizoba 'yindoda yehora.' Ngizogqiba bonke lababafana phansi abaqale lapha." (O, mfowethu!) "Ngizozitholela isakhiwo samadola ayizigidi ezintathu. Ngizozitholela ocadillac abayidazini. Futhi . . . " O, mfowethu! Ungahle—ungahle futhi ungaqali, ngoba unqotshiwe kwasekuqaleni, uyabo. Kepha inkathazo yakho ingukuthi abakwazi!

174 Bacabanga ukuthi ufanele ube nezinwele ezisongekile futhi ugqoke isudu yedina futhi uthi "a-men" kuhle kakhulu, futhi konke lokhu, futhi ube yinkosana. Lokho yincelebane yowesifazane!

UNkulunkulu ufuna amadoda, amadoda asaba uNkulunkulu, amadoda angashukumisa!

175 Kodwa namhlanje sifuna iHollywood. Sifuna okuthile lokho—lokho okufiswa yiso. Sifuna okuthile okungakhuluma ngobukhulu ubuhlakani ukuthi angasivumela silale imizuzu emihlanu ngenkathi yena . . . ngeSonto ekuseni.

176 UNkulunkulu ufuna abahlukanisi abazomthumela phambili njengelangabi lombani, alahle isono ezimpandeni, (kunjalo) asikugubhe.

177 Kepha si . . . Sifuna abelusi bethu abahlakaniphile. Iningi labantu lifuna umelusi onyenyezayo, umuntu othile athi, "Yebo, s'thandwa."

UNkulunkulu ufuna ukushaya konyazi! Yebo, mnumzane.

178 Bambambathe emhlane, nalabo abanezinwele ezimfishane nopende ebusweni, nakho konke okunye, futhi begqoka izingubo abathululelwe kuzo, nakho konke kanjalo, futhi abasho lutho ngakho.

179 Umuntu omkhulu wangibizela ehhovisi lakhe lapha, (hhayi ihhovisi lakhe) ihhovisi lakhe lasensimini, lapha esikhashaneni esingeside esedlule, wathi, "Ngifuna ukukubeka izandla ukuze uzoyeka lokho!"

Ngathi, "Ungakwenzi. Ungakwenzi. Qhabo, mnumzane."

180 Uma umisa lokho, umisa uMlayezo. Umisa uNkulunkulu uma wenza lokho. Yebo, mnumzane. Asifuni lutho lwalokho.

181 Ngabe uNkulunkulu wamzwela uMose ngabo bonke ubuthakathaka bakhe, wathi, "Mose omncane bandla, okuthize—okuthize impela kwenzekile kuwe, uwile ezingeni lakho. O, he! Lapha, ya, wawungumuntu omkhulu, isihlakaniphi, futhi kwakungekho lutho oluzokumisa. Mfowethu, ubunayo yonke i-Ph.D. yakho ne-LL.D., nakho konke okunye, futhi manje lapha uyeza ukuvuma ukuthi awulutho, angeke wenza lutho. U—ubuthakathaka kakhulu nje"? Qhabo! UNkulunkulu akazange amdabukele. UNkulunkulu akazange amhawukele. UNkulunkulu wamelapha ngaleyonkathi konke lokho. Akazange amdabukele.

182 Kepha siyathola ukuthi, uma nikubhala phansi, u-Eksodusi 4:14, "Intukuthelo kaNkulunkulu yamvuthela." UNkulunkulu akamdabukelanga ngenxa yokuthi wayebuthakathaka.

183 Wena uthi, "O Nkosi, ngizizwa nje ngikabi kakhulu, angikholwa ukuthi bengingakwenza." UNkulunkulu akakudabukeli; uzizwe sengathi uyakukhahlela akuzungezise kancanyana impela. Niyabo? Niyabo? Impela. UNkulunkulu akakudabukeli; U—Uyakuthukuthelela. Uyalungisiswa khonake kuze kube yilapho Angakusebenzisa khona. Ya.

184 UMose ethola ukwelashwa, uNkulunkulu wayengamsebenzisa. Wayeneselapho, wayesukile emakhonweni omuntu ngaleyonkathi. Wayengenalutho ayengancika kulo ngaleyonkathi, ngoba wa—wayelungele ngaleyonkathi ukwenza inkonzo.

185 UNkulunkulu wathi, "Iminyaka engamashumi amane lapha Ngibe nawe noZipora niqophisana futhi niqhubeka nizungeza phandle lapha ehlane, noma ngabe ubungathola ukuthi kukhona ubuthakathaka bomuntu noma qhabo, lapho umi khona lapho njengenkosana enkulu, 'Halo, Dokotela Mose. Sawubona ekuseni, Mfundisi, Mnumzane. Yebo, mnumzane. Mose, uyinkosana ezayo. Konke . . . Sonke sicabanga ngawe.' Manje uphandle lapha ogwadule nesigejana sezimvu nonkosikazi onolaka." Niyabo? Lokho kwamlungisa. Yebo, mnumzane. UMose esesimweni esibi, kodwa Wathi, "Manje sengingakusebenzisa, uma usuqonda ukuthi awuyilutho. Manje yenyukela lapha ngakulesisihlahla esivuthayo, Ngifuna ukukuthumela ezansi laphaya." O, he!

186 Nkulunkulu, sinikeze abanye balolohlobo, sinike abanye abantekenteke kakhulu. Yilokho esikudingayo, abanye abantekenteke. Impela!

187 KwakunguJakobe, niyazi. UJakobe wayecabanga ukuthi wake waba umfo omkhulu, niyazi, wayengakhohlisa nje futhi azedlulele nanoma yini. Wahamba futhi wafaka izinti ezithize zompopula lapho izimvu zomkhwewakhe nezinkomo ngenkathi

zazimithi, futhi zaphenduka zaba yizimvu ezimakhwifikhwifi, futhi waphonsa phambili kanjalo ngenkathi zaziye emanzini ukuyophuza. Futhi, into yokuqala niyazi, uJakobe uba yindoda enkulu. Impela. Wayeyi . . . "Wabizwa ngempela ngo *Jakobe*, akukho phutha," u-Esawu wathi, "waye 'ngumkhohlisi' kulungile." Ngakho-ke wayengumkhohlisi. Wayeza ehamba kahle, ethola, wayenemihlambi emikhulu namakhosikazi nezimvu nezinkomo nezinkabi, na—nakho konke, wayenakho konke.

188 Kepha ngobunye ubusuku (o, he!) ngenkathi ehlela ezansi emfudlaneni omncane ngesinye isikhathi, wayezowelela ngaphesheya, ufika endaweni lapho iNgelosi yambamba. Mfowethu, uJakobe omdala wabambelela ubusuku bonke. Impela wabambelela isikhathi eside. Kodwa lapho ezinikela yena uqobo, ngenkathi eba buthakathaka futhi wayengeke esakwazi ukuqhubeka nokubamba . . .

189 O Nkulunkulu, vumela ibandla likuthole kanjalo, lifike . . . ibandla lifinyelele endaweni lapho elingeke lisakwazi ukubambelela khona isikhathi eside ngamakhono alo emvelo, kodwa lizofanele linikele kuNkulunkulu. Makuthi iMethodisti ibe namahloni ngayo uqobo ukuthi bangamaMethodisti. Makuthi amaBaptisti futhi makuthi amaPentecostal abe namahloni ngawo uqobo, futhi ayeke ukubambelela, futhi azinikele kuMoya.

190 Kungaleyonkathi lapho uJakobe aba "yinkosana kaNkulunkulu." IBhayibheli lathi uba "yinkosana," futhi igama lakhe laguqulwa. Niyabo? Futhi—futhi, khumbulani, wayeyindoda enkulu enamandla ngaku*lolu*hlangothi, ngobuhlakani obunamandla; kepha ngako*lunye* uhlangothi wayeyinkosana eqhugayo, ebuthakatha futhi wayekhathele, kepha wayenamandla phambi kukaNkulunkulu.

191 Ya, ungahle . . . Inhlangano yakho ingahle ukuba iphukile yayothi ngqu ezicucwini. Isithunzi sakho komakhelwane, ungahle ube "igwababa eliyifashini endala" kusukela ngaleyonkathi kuqhubeke, komakhelwane. Lokho kungahle kube kahle. Kodwa ngizokutshela, uzoba namandla noNkulunkulu. Ngingaqoka ukuba njalo. Ngizothatha leyondlela noma nini.

192 Abafundi bayabuya futhi bathokoza ngoba babejabule ukuthi babebalwe njengabafanele ukuthwala ihlazo leMbangela nelikaJesu. Impela! Bazokubiza "ngomgigqiki ongcwele."

193 Phuma kuleyondawo kanye, ivumele ihlakazeke. Liqaqeke kuwe, "Awu, uthi, ngiyiMethodisti," noma "iPresbyterian" noma "ngiyi-Assemblies," "Ngiyi-Oneness, ngilunge nje njengawe." Kulungile. Ake uphume nje kanye, unikeze indlela. Thola konke . . .

194 Ake ingelosi ikubambe kanye, ingelosi yeNkosi ezokulethela iQiniso loMlayezo. Ake ikubambe kanye, uzothoba phansi ngqo embhaphathizweni eGameni likaJesu, uzothoba phansi ngqo kukho konke okwaLo. Yebo, uzokwenza, impela uzokwenza. Ya, uzo—uzobukhohlwa nje bonke lobubuhlakani.

195 Ezinsukwini ezimbalwa ezedlule, omunye wabangane abamnene kunabo bonke enginabo, umuntu okahle, wathi kimi, ephuma egumbini emuva kokuba ngangibe nengxoxiswano, washiya igumbi, wathi, "Mfowethu Branham. . . " Futhi lo muntu wayekade engomunye wabasekeli bami ngezezimali emhlanganweni phandle lapho. Ufika endaweni lapho engangingazi ukuthi ngangizoyenza kanjani into ihambe, ngethemba nje uNkulunkulu; lo muntu wayengakusula. Yebo, umuntu okahle nje! Futhi lo muntu wathatha uhambo futhi ufika edolobheni elikhulu, lapha ebusukwini obumbalwa obedlule, futhi wama egumbini futhi washo kimi, ngokunye ukuhlwa, wathi, "Mfowethu Branham," wathi, "Ngifuna ukusho nje into eyodwa." Wathi, "Akekho umuntu ngaphandle kokuthandayo engimaziyo."

Ngathi, "Ngijabule kakhulu ngalokho."

196 Wathi, "Mfowethu Branham, kunento eyodwa nje, into eyodwa engalungile."

Ngathi, "Yini leyo, dadewethu na?"

197 Wathi, "Awu, into eyodwa yilena, Mfowethu Branham, ukuthi uma nje ubungaxegisa kancane kuleyoMfundiso onayo," wathi, "yonke inhlangano ibizokwemukela."

198 Ngibone ngaleyonkathi ngqo, ngacabanga . . . Ngathi, "Yiphi yona iMfundiso, dadewethu na?"

Futhi wathi, "O, lowombhaphathizo eGameni likaJesu."

199 "O!" Ngathi, "Kodwa, dadewethu, ubungeke ungilindele ukuba ngixegise eZwini likaNkulunkulu futhi ngibe ngiselokhu ngiyinceku kaNkulunkulu."

200 Futhi wathi, "Awu, lapha, kunesigejana sabefundisi engisimele lapha esivela kulelidolobha elikhulu." Wathi, "Uma uzobatshela ukuthi iNgelosi yeNkosi ekunika lemibono ikutshele ukuba ubhaphathize eGameni likaJesu, khona-ke bazimisele ukuLemukela."

201 "Awu," ngathi, "ulwazi lwabo lubuthakathaka kunamazi okugeza izitsha!" Ngathi, "Angikhathali ukuthi noma iyiphi ingelosi ibiyothini, uma kungesikho ngokweZwi angikukholwa!" Ngathi, "Uma leyongelosi ingitshele okuthize okwehlukile kuLokho, bengingeyikholwe ingelosi." Kunjalo! IZwi likaNkulunkulu elokuqala, ngaphezulu kwazo zonke izingelosi nakho konke okunye! INgelosi yeqiniso . . . Ngathi, "Uma ingangitshelanga Lokho, bengingeke ngiyilalele." Yebo.

202 Inenekazi alazanga ukuthi lenzenjani. Lathi, "Angikaze ngikuzwe okunjalo. Angikaze ngazi ngaKho." Niyabo, nakho lapho okhona. Ngakho-ke nginika inenekazi elincane umBhalo. Futhi lathi, "Ngibuyela ngqo ekhaya futhi ngitadishe iTestamente eLisha. Angikaze ngiLitadishe." Niyabo, nakho lapho okhona. O, he! O, he! Yilapho okuthola khona. O, he!

203 Yeka ukuzama ukubambelela. Zikhulule! Yilokho ofuna ukukwenza: zikhulule. UJakobe, lapho esekhululiwe wayekahle kakhulu, uba inkosana futhi wayenamandla noNkulunkulu.

204 KwakunguDavide *omncane* egqoke ijakhethe yobufundisi yakhe kaSawulu, owaphuma uku—uku—ukulwa noGoliyati. Futhi ngenkathi uDavide eqala lapho ukulwa noGoliyati naso sonke lesisikhali esikhulu esiphethe, waqalaza, wabuka emuva, wayebukeka njengabo bonke abanye, ngakho-ke wathi, "Kukhona okungalungile lapha."

205 Inqobo nje uma ufana nezwe futhi uvumelana nezwe, futhi wenza into efanayo izwe eliyiyo, kukhona okungalungile.

206 UDavide wathi, "Lokhu kubukeka kunamandla kakhulu. NgineZiqu zobuDokotela, ngine Ph.D. Niyabo, ngingowenhlangano enkulu, ngingake ngize ngilwe kanjani ngayo yonke lento na? Angazi lutho ngayo. Angazi lutho ngakho!" UDavide wathi, "Susa into kimi." Kunjalo. "Uma ngizolwela uNkulunkulu angifuni ukubukeka njengalesisixuku samagwala amile lapha, onke ehlomile futhi egwazile. Angeke ngaba nomhlangano . . . "

207 Ukuhlangana okuningi, indoda amaningi, abefundisi abaningi abeza kimi futhi bavume ukuthi bayakholwa ukuthi iGama likaJesu Kristu lilungile ukuba kubhaphathizwe kulo, kepha bathi, "Inhlangano yethu izosikhipha." Wena zaba bandla! Khumula isikhali sikaSawulu!

208 Nginike amandla namandla okuqina kaMoya oNgcwele! Nkulunkulu, ngithumele nendwayimane, kungakhathalekile ukuthi kuyini (kuncane kangakanani), shaya isitha siwe phansi. Lelo yiqiniso. Ngithumele, kodwa ungangivumeli ngigqokise okwabo bonke nge L.L., Ph.D., oDokotela, lonke lolohlobo lwento.

209 UDavide wathi, "Into ayibukeki ilungile." Wathi, "Angazi lutho ngalokho." Wathi, "Into kuphela engiyaziyo, enginayo ukuthi ngi . . . Emuva kwingemuva logwadule ngangibheke izimvu zikababa wami." Futhi wathi, "Ingonyama iyangena ihlwitha iwundlu elincane futhi iyagijima iphuma nalo, futhi ngangazi ukuthi lelo kwakuyiwundlu likababa wami, futhi, o, mina—mina—ngi . . . ngangingahlomile, kodwa ngavele nje ngathatha indwayimane yami ngayilandela." Wathi, "Ngayibulala futhi ngabuyisa iwundlu." O, he! Bona bemi lapho, umkhonto esandleni sabo, babengenakukwenza.

210 Yileyo indaba namhlanje. UNkulunkulu unenqwaba yezimvu ezidukile, izinhlangano nezinto zibantshontshile zabakhipha, zabafaka kwisayense ephathelene nokusebenza kwengqondo. Nkulunkulu sinike oDavide abaneZwi likaNkulunkulu namandla kaNkulunkulu, ukukuqondisa uma sihamba ukuyohlangana naleziziqhwaga ezinobuhlakani (Kunjalo!) nayo yonke i-Ph., LL.D., Q.U.S.T., noma kungahle kube yini. Nginike iZwi likaNkulunkulu namandla kaMoya oNgcwele futhi, ngizokutshela, singabulala sonke isiqhwaga enkundleni. Kunjalo! Sidinga amadoda angakwazi . . .

211 Ngani, uDavide wayeyizaba eziphansi kunazo zonke ezazikhona enkundleni, ukulwa nesiqhwaga. Yena, ngani, wa—wayengelutho kepha umfana. Futhi iBhayibheli lathi waye "bomvana," umfo omdadlana obukeka ezacile, mhlawumpe amahlombe aqhothile, isiqephu sesikhumba semvu ezisonge ngaso. Wayengenalutho lwaleziziqu ezinkulu zobuhlakani nokuqeqeshwa kahle. Wayengazi lutho ngenkemba. Wayengazi lutho ngalokhu kuqeqeshwa lokho uSawulu . . .

212 USawulu wayengobedlula konke ababengaba naye, uMbhishobhi uSawulu. Impela, wayeyikhanda namahlombe ngaphezulu kwempi yonke. Ngani, waye—wayenguye owayefanele ahambe futhi alwe naye, kodwa wayesaba.

213 Futhi namhlanje siyazi sidinga imvuselelo. Siyazi sidinga ukushukunyiswa phakathi kwabantu. Angeke kuthathe uDokotela wezobuNkulunkulu. Kuzothatha ontekenteke (Haleluya) lokho kuzothatha iZwi likaNkulunkulu emandleni okuvuka kukaKristu bese kubulala lento. Kuzoletha uKristu ezweni . . . mababone ukuthi Usengawavula amehlo empumputhe, aphulukise abagulayo, avuse abafileyo, futhi UnguNkulunkulu, Umnqobi! Amen. Sidinga uDavide, ongaqeqeshiwe ezikoleni zesayense yenkolo, sidinga indoda engazi lutho ngalokho, umfana omncane othile olimayo noma okuthile, umfo omncanyana othile namahlombe akhe aqhothile, kungekho okuningi ukuba kubukwe, ozofika ehamba ehla ngomgwaqo namandla kaNkulunkulu.

214 Umama wayefa, wathi, "Billy, ngikwethembile futhi ngakukholwa wena. Ubungamandla ami okuqina okomoya, ungiholele kuNkulunkulu."

215 Ngathi, "Mama, ngenkathi ngisengumfana . . . Isisekelo sethu, isizathu, i-Irish, siwuhlobo oluthi belungancika kancane kwiKatolika." Futhi ngathi, "Ibandla lasho ukuthi—ukuthi ba—babengumzimba wabantu, babenakho konke, yonke into abayenzayo yayilungile. Angikukholwanga lokho, ngoba amaLuthela athi, 'Singumzimba wabantu, sinakho konke.' AmaBaptisti athi, 'Singumzimba, sinakho konke.' Kuneziningi kakhulu, kukhona cishe amakhulu ayisishiyagalolunye

izinhlangano ezahlukahlukene." Ngathi, "Mama, angikwazanga ukubeka ithemba kulokho, ukuthi yiyiphi kuzo eqinisile na?"

216 Ngithola ukuthi, ngisho lokhu ngokuzithoba nobumnandi, kodwa ngikholwa ukuthi akukho neyodwa yazo elungile. Kunjalo. Ngibuyela eZwini likaNkulunkulu, ngibonile ukuthi Lenzeni emuva lapho. (Bese-ke, Nkulunkulu, sonke asibuyele lapho.) Futhi nobuthakathaka, futhi kungekho kusekelwa yinhlangano, kungekho kusekelwa ngamahlelo, kungekho kusekelwa uhlelo lobufundisi, kodwa ebululeni namandla kaMoya oNgcwele ehla ngePentekoste, nomlayezo ofanayo uPetru ayenawo ngoSuku lwePhentekoste, "Phendukani, yilowo nalowo, futhi nibhaphathizwe eGameni likaJesu Kristu kukho ukuthethelelwa kwezono zenu."

217 Ungeke wafakwa amahhanisi njengesigejane salabososayense bezenkolo, nokhololo wakho uphenduliwe neziqu zeZiqu zoBuciko. Kodwa, mfowethu, uzoba nokuthile esandleni sakho, futhi inqobo nje uma uMoya kaNkulunkulu uzongena kuleloZwi Uyonqoba futhi ubuyise imvu elahlekile edukile. Amen! Asivume ubuthakathaka bethu! Lahla iMfundiso yakho yobuNkulunkulu! Lahla ukwazi-konke kwakho, ubulungu bakho! Zihlubule phambi kukaNkulunkulu, ngokukhuluma ngokomoya, futhi uzibize "ngongafanele!" Khona-ke uNkulunkulu angahamba ayokusebenzisa. Ungakusho nje ngokusuka emlonyeni wakho, kulethe kusuka enhliziyweni yakho.

218 UJakobe, uDavide, badingeka bazihlubule. Wayengobuthakathaka kunabo bonke phakathi kwesixuku sonke.

219 Cabanga nge, mhlawumbe, amasosha ayizinkulungwane eziyishumi noma izinkulungwane eziyikhulu egqumeni. Onke eqeqeshiwe, yilelo nalelo linePh.D., yilelo nalelo linemikhonto, ayengamasosha. Ngamunye wawo wayeyisikhulu sasemasosheni uCorporal *S'bani-bani*, iSosha elingesiyo induna u *S'bani-bani* (ngisho namaSosha angesizo izinduna), uJenene *S'bani-bani*, uLefuteni *S'bani-bani*. "UJenene omkhulu onezinkanyezi ezine uSawulu, uMbhishobhi, yebo, Mhlonishwa, Mnumzane!" Yilelo nalelo limi lapho, amadoda aqeqeshiwe.

220 Futhi isitha simile egqumeni, sathi, "Nina sigejane samagwala." O!

221 Futhi phezulu ekamu kufika omncane, onamahlombe aqhothile, (O Nkulunkulu!), umfo obukeka ebomvana, indwayimane encane emhlane wakhe, nophaya onamaresini esandleni sakhe wabafowabo. Futhi lesosiqhwaga siyaphuma futhi senza ukumemeza kanye kaningi kakhulu. Sathi, "Niqonde ukungitshela ukuthi nina sigejane sezifundiswa esiqeqeshiwe lapha nizokuma lapho futhi nivumele lowomFilisti ongasokile

adelele iZwi likaNkulunkulu ophilayo na?” Amen! Wathi, “Niyamesaba na?”

222 USawulu wathi, “Uma ufuna ukuhamba, woza lapha. Ngizo—ngizo—ngizokuthumela esikoleni iminyaka engamashumi amabili manje, futhi ngizokutholela i—iPh.D. Ngizokutshela ukuthi ngizokwenzani, ngizokunikeza nje iziqu zami.”

223 Wathi, “Susa into.” O, he! “Angifuni ukuzihlanganisa nalutho ngayo.” Wayefuna ukwethembela kuNkulunkulu. Wathi, “Ngiyazi ukuthi uNkulunkulu wangenzelani nga*lokhu*, futhi ngikulungele ukwethemba uNkulunkulu ebusweni banoma yini ngakho.” Amen! Leso yisipiliyoni somKristu.

224 Ngisho uSawulu, lapho kwakufanele asuse isikhali sakhe, wakhumula isikhali sobufundisi, wenza njengoba uDavide enza. Kodwa lapho uSawulu efika ekupheleni komgwaqo, wathi, “Ngikulwile ukulwa okuhle.” Leso kwakuyisitha sokugcina ukuba asinqobe. “Ngikulwile ukulwa okuhle, ngiliqedile ibanga lami, ngikugcinile ukuKholwa. Sengibekelwe umqhele, lowo Nkosi, umaHluleli olungileyo, eyakungipha wona ngalolosuku.” Wathi, “Kungeyimi ngedwa, kepha bonke abathanda ukubonakala waKhe.”

225 Ukufa okudala kwathi, “Kodwa ngikuzothola emizuzwini embalwa.” Nethuna lathi, “Ngizokukhuntisa phandle ngaleya.”

226 Wathi, “O kufa, luphi udosi lwakho na? Thuna, kuphi ukunqoba kwakho na? Ngiyazi ngilele lapha kulomgodi oyitilongo waseRoma, ngiboshwe ngamaketango, izihlakala zami nezandla, futhi ngi—nginemivimbo engamashumi amathathu nesishiyagalolunye ngokuvundle umhlane wami. Ngilapha nezinyembezi zishisa amehlo ami ngize angisakwazi ukubona nhlobo. Angikwazi ukubona ngeso lami lemvelo, kodwa ngingawubona umqhele wokulunga ubekwe laphaya. Amaqakala ami ayavithika. Ngiwe kakhulu esinkweni esidala esikhuntile abasiphose phakathi lapha, futhi amagundwane agijime phezu kwami, nezicabucabu nezinto, ngize ngibuthakathaka.” Kodwa wayengama ebusweni bokufa futhi athi, “Luphi udosi lwakho na? Thuna, kuphi ukunqoba kwakho na?” eboshwe ngamaketango ezandleni zakhe. Haleluya! (Yilokho esikudingayo.) “Thuna, kuphi ukunqoba kwakho na?”

Ithuna lathi, “Ngizokubolisa, Pawulu.”

227 Wathi, “Kodwa akabongwe uNkulunkulu, sengivele ngikutholile ukunqoba ngeNkosi yethu uJesu Kristu.”

228 Ngenkathi wayebuthakathaka, obakhe—obakhe bokwabefundisi, okwakhe . . . yonke inkambiso yakhe yayihlakaziwe kuye. Onke amaphepha akhe okugcotshwa ayethathiwe kuye. Wayengasasonti e-Assemblies nhlobo, noma i . . . noma yiliphi lawo. Niyabo, wayengasasonti kunoma yiliphi

lawo. Wayekhulume kakhulu impela ngokumelana nabo kwaze kwathi ababhishobhi ba . . . bathi, "Uqonde ukungitshela ukuthi indoda eboshwe iminyaka engamashumi amabili ejele lamaRoma phezulu lapho futhi ingasitshela ukuthi singavumeli abesifazane bethu bashumayele na? Hhe! Ungasitsheli lokho," bathi, "sazi kangcono. Ungubani lowomfo phezulu lapho, empeleni, ukutshela thina ukuthi asenze *lokhu*, *lokho* noma *okunye* na?" Bathi, "Siyazi ukuthi senzani."

229 "Ya," uPawulu wathi, "kunamadoda avukuyo khona kanye phakathi kwenu, azoqala inhlangano masinyane impela, avukayo futhi azophuma ekuKholweni okunjalo, engenawo uMoya kaNkulunkulu." Wathi, "Asevele abaphumile phakathi kwethu ngoba ayengesiwo awakithi."

230 Futhi, yini, kwenzekani na? Kungena ngqo ebandleni elikaKatolika; kusuka kwiKatolika kuya kwiLuthela; futhi kuqhubeke kwehle kuze kube sekugcineni, ama-Assemblies of God, into efanayo, kwenza into efanayo.

Konke lokhu, into efanayo!

231 Kodwa, o, kowesilisa noma owesifazane obuthakathaka ngokwanele, obubonayo ubuthakathaka bakho, ozovumela uNkulunkulu akusebenzise! Ngiyaqhubeka nje nokukhuluma, ngiyacabanga ngikhuluma isikhathi eside.

232 Manje, bekuyini na? Manje, waye . . . uDavide wayengongafundile kakhulu oyedwa esixukwini. Wayengakufundelanga ukulwa, wayengazi lutho ngakho. Ngakho-ke wayengafundele lutho lwalempi okwakubekwe ngaphambi kwakhe, kepha waqonda ukuthi kwakukhona uNkulunkulu. Futhi wathatha into ebuthakathaka kunakho konke; babenemikhonto, izikhali, iminsalo, nakho konke okunye, futhi uDavide wayenendwayimane encane nedwala kuyo. Kodwa, niyabo, wayazi ukuthi yini ayengethembela kuyo. Wabuvuma ubuthakathaka bakhe, kepha ukukholwa kwakhe kuNkulunkulu.

233 Wathi, "Angifuni sihlangu phezu kwami ukunqinda lutho. Angifuni ukukhuphuka lapho, ngithi, 'Manje, bafowethu nizobambisana nami na? Ngingowe-Assemblies, ngingowePresbyterian, ngiyiMethodisti, ngiyiBaptisti, bazalwane nizobambisana nami na?' Angifuni ukwazi lutho lwalezozinto. 'Lapha, ngizokukhombisa ephaketheni lami, ngineziqu zami. Ngisanda kuthola iZiqu zoBuciko zami. Ngivela e-Enyuvesi yase *Kuthi-kuthini*, nga—ngafunda enhla lapho. Ngathola kanjalo. O, ngingakhuluma! Ngiyi *lokhu*, *lokho*, noma *okunye*.'" Wayengafuni lutho lwalezozinto!

234 Konke ayekufuna, wathi, "Nginethemba lami kuNkulunkulu futhi lapha ngizohamba." Yilokho-ke. Futhi isiqhwaga sashona phansi. Kunjalo.

235 Yilokho esikudingayo namhlanje, mfowethu. Sidinga, namhlanje, amadoda afana noDavide, hhayi isipiliyoni sasenyuvesi.

236 KwakunguMikhaya omncane, uMikhaya omncane, indodana ka-Imla, ompofu, enqatshiwe, ekhishwa kuwo onke amahlelo ngenxa yokuma kwakhe kweqiniso ngoNkulunkulu. Kepha nakho kufika indoda kaNkulunkulu ngesinye isikhathi, ezansi, egama linguJehoshafati, futhi wathi phakathi lapho, "Ngifuna ukwazi iqiniso leZwi likaNkulunkulu."

237 USawulu wathi, "Nginamakhulu amane awedlula onke owake wawazi." Wathi, "Bonke baneziqu zabo, bonke baqeqeshiwe phezulu lapha esikoleni." Wathi, "Ngani, bangabashumayeli ababedlula bonke kowake wabezwa." Wathi, "Ngizobakhipha ngqo futhi sizobuza iNkosi senzele wena."

238 Kodwa khona-ke uyaphuma lapho futhi waqalaza, uJehoshafati wathi, "Ya, ngiyamuzwa lona esho *lokho*, futhi ngiyamuzwa lowo ekusho, kodwa," wathi, "awunaye omunye na? Awunaye omunye na?"

239 UNkulunkulu wayezothola umlayezo kulenhliziyo eqinisile. Kwakukhona kuphela oyedwa wabo emi lapho, kodwa uNkulunkulu unomuntu walowo. Amen. Uma kukhona kuphela inhliziyo eqinisileyo eyodwa, endaweni ethile uNkulunkulu unomuntu wakhe. UJehoshafati wayeyindoda yangempela, inkosi eyesaba uNkulunkulu, futhi wayenokuzwa okwenele ukwazi ukuthi imilayezo yabo ubuyiphutha. Wayekwazi ukuthi kwakuphambene neZwi, amen (O, Mfowethu Neville!), uJehoshafati wayekwazi lokho.

240 Wathi, "Awu, ngi—ngehlele kulolonke irekhodi, ishadi lapha kulelikholiji, nginabo bonke phandle lapha." Wathi, "Awu, buka lapha, lona une . . . awu, buka iziqu anazo. Buka lona lapha," wathi, "buka—buka iziqu anazo. Buka uZedekiya lapha, inhloko yakho konke. Ngani, ungumbhishobhi, ungaphezu kwethu sonke. Impela uzolithatha izwi lakhe!"

UJehoshafati wathi, "Ya," wathi, "Ngi—ngi—ngi . . . "

241 "Awu, buka, buka, bonke abanye babo bayavumelana naye. Bonke bawubunye obubodwa obukhulu! Futhi angeke uthi abasiwo amaHeberu. Angeke uthi abasibo abaprofethi, nazi iziqu ziyafakaza ukuthi bayibo."

242 UJehoshafati wathi, "Ya, ngi—ngi—ngiyazi, Ahabi." Wathi, "Lokho—lokho kulungile, kodwa . . . "

243 Wathi, "Yini ozo . . . Uzongibuza kanjani omunye na? Naso isikole sami sonke! Nansiya inhlangano ndawonye."

244 "Kodwa awunaye yini oyedwa ongesiyena owaleloqembu na? Akekho omunye, kwenye indawo na?"

245 "Awu, ubeyoba yini na? Uyoba ngongafundile ongakwazi ukufunda nokubhala! Awu, ubungafunani kumfo onjalo na?"

246 "Kodwa—kodwa ngiyakubuza nje, awunaye omunye, kwenye indawo na?"

247 "O," wathi, "ya, ukhona onjalo." (Lapho, o, akabongwe uNkulunkulu ngalokho!) "Kukhona onjalo, kepha," wathi, "Ngiyamzonda. Futhi bonke abanye babo bayamzonda, futhi." Wathi, "Sakhahlela, futhi bamkhahlela bamkhipha kuleyonhlangano, bonke." Wathi, "Sehlele lapha ukuba sibe nomhlangano, samgijimisa samkhipha edolobheni. Yebo, mnumzane. Angeke senza lutho ngaye. Awu," wathi, "untekenteke, futhi uqhamuka emndenini ompofu kakhulu. Ukukhulunywa nokubhalwa kolwimi kwakhe kuyesabeka." (E-hhe, njengoMoody, uyazi.) "Ya, ukukhulunywa nokubhalwa kolwimi kwakhe kuyesabeka." Futhi wathi, "Empeleni, kusiyazi wezenkolo, ungompofu kunabo bonke engake ngamuzwa. Angikaze ngizwe noma yini enjengaye. O, uvele nje adilize inkambiso yabo. Ngani, isiVumokholo sabaPhostoli sabo sidatshulwe saba yizicucu nguye. Angikaze ngizwe ngento enje! O, uvele nje asidabule, futhi bayamzonda nami ngiyamzonda, wonke umuntu uyamzonda."

248 "O," uJehoshafati wathi, "inkosi mayingasho njalo, kodwa ngizothanda ukumuzwa." Uyazi ukuthi u-Elisha wayezothini! Wayekwazi lokho.

249 UNkulunkulu wedlula bonke abakhulu, abanamandla, abashumayeli abanobuhlakani, futhi wabeka uMlayezo waKhe kumfo omncanyana owayezisho ukuthi akazi lutho. Kodwa wenzani na?

250 Bamnika ukuhlolwa, futhi wathi, "Manje, yisho into efanayo abayenzile."

Wathi, "Ngizokusho lokho uNkulunkulu akubeka emlonyeni wami, yilokho kuphela."

251 Wathi, "Uma ufuna ukuba namandla manje, khumbula nje uyi . . . u—uwuhlobo olungahlelekile lapha, mfana. Khumbula, ukhahleliwe wakhishwa kuleyonhlangano. Bangase baphinde bayicabange kabusha inhlanganyelo yakho uma nje uvumelana nabo kulesisikhathi esibucayi njengalesi. Silungiselela sonke ukuba nomkhankaso omkhulu," wathi, "uma nje uzovumelana nami."

252 Wathi, "Ngeke ngisho lutho ngaphandle kwalokho okushiwo uNkulunkulu!" Ukuxegisa, ungakulindela indoda kaNkulunkulu ukuba ixegise eZwini likaNkulunkulu na? Qhabo, mnumzane, ungabeki kuyo.

253 Wathi, "Kepha uyintekenteke. Uphuma emndenini ompofu. Ngani, uyazi ukuthini, bangahle . . . "

"Anginendaba ukuthi benzani."

254 "Awu, bazokuthatha ukusuka ezweni uye ezweni ngendiza. Bazokwenza noma yini, uyabo, uma wena—uma wena nje . . . "

255 "Qhabo, qhabo. Ngizosho kuphela lokho uNkulunkulu akubeka emlonyeni wami." UNkulunkulu wedlula sonke lesosixuku, (yebo, mnumzane, ukuma kwakhe kweqiniso kwakwenza) wedlula amakhulu amane futhi umnikeza u ISHO KANJE INKOSI!

256 Khona-ke baLikholwa na? Qhabo, mnumzane! Bathi, "Lokho akusiye u ISHO KANJE INKOSI, ikholiji lethu alizifundisi izinto ezinjalo. Awu, nangu umbhishobhi wethu, usevele ulishilo izwi, wabhala inkambiso. Sonke sahlangana ndawonye, senza izikole zethu. UNkulunkulu unathi! Waya ngaphi uNkulunkulu kithi ngenkathi Liye kuwe na?"

Wathi, "Uzobona, ngesinye isikhathi." E-hhe, kunjalo.

257 Wayeyini na? Wayebuthakathaka kakhulu, kepha wayengonamandla kunabo bonke phakathi kwabo. Ngani? Ngoba wayeneZwi leNkosi. O, mfowethu, kwenza muphi umehluko mayelana ne. . .noma yini enye inqobo nje uma uno ISHO KANJE INKOSI?

258 "Uthi, Mfowethu Branham, uma uzoxegisa eGameni likaJesu ngombhaphathizo, awu, sizoba nomhlangano omkhulu eChicago noma kulezizindawo njengalena." Hhe! Ucabanga ukuthi wenza lokho na? Anginandaba ukuthi nihlangana kuphi ndawonye, ukuthi nenzani, mfowethu, hlala no ISHO KANJE INKOSI.

259 Ngifuna abanye babo beze bangitshele ukuthi kuyiphutha kuphi Lokho. Ngikhombise eZwini likaNkulunkulu lapho Lokho kuyiphutha. Ya. Ngeke bakusukele lokho. Qhabo, mnumzane. Kepha Kungu ISHO KANJE INKOSI! Hlala naKho, uma yilowo nalowo wabo ekukhahlela. Anginandaba ukuthi uba buthakathaka kangakanani, "Khona-ke ngiba namandla." Lapho bengikhahlela bengikhipha, uNkulunkulu uzongingenisa. E-hhe, ya. UNkulunkulu. . .Bayakukhahlela bakukhiphe, uNkulunkulu uzokungenisa.

260 Khumbula, yilabo abanqatshiwe uNkulunkulu ahlala ebacosha, abantu abangelutho. Khona-ke Ubenza *abantu abathile* baKhe. Kungahle kungaziwa kulokhu kuphila, kodwa kuyokwaziwa esikhathini esizayo; niyabo, yilowo.

261 Futhi wamnika u ISHO KANJE INKOSI, ngenxa yani na? Wahlala neZwi. WayenoMlayezo ofanele. UNkulunkulu umnikeza umbono. Bonke abanye babengenawo umbono. Niyabo? Wayenombono. Ngani? Ngoba wahlala neZwi. Yilapho esibona khona izibonakaliso nezimangaliso. Ngoba. . .Abanye bayaphumelela njengaLo, kepha wahlala neZwi. Manje asisheshise.

262 U-Eliya, yilapho ibandla lakhe lamxosha futhi lamshiyela izwe lesimodeni. Ngiyacabanga u-Eliya wayesevele ebamboze ngamalahle. Awucabangi kanjalo na? Uyazi ukuthi u-Eliya wayeyini. Ngiyacabanga, enkonzweni yakhe yasekuqaleni,

wasukuma lapho futhi wathi, "Kungani, nina besifazane nizama ukufana neNenekazi lokuQala," lezozigqoko, niyazi, "Nkosazana Jezebeli! Nina besifazane besimodeni, nifana neNenekazi lokuQala lezwe, nigqokisa okwalo, niziphathisa okwalo. Nina bashumayeli!" O, he, wabakama kanjani! Futhi bonke babelokhu behlubuka kwaze akwangasala muntu.

263 Kwakudingeka ukuba afike ekupheleni komgwaqo wakhe ngaleyonkathi. Akekho owayengabambisana naye futhi. Awekho amabandla ayengabambisana naye. Bonke abebandla lakhe bamshiya, wabuyela emuva ezweni (ngokufanayo njengoba kunjalo manje), kunjalo, wabuyela emuva ezweni. Abambalwa kakhulu nje ababebambelele, oyedwa lapha noyedwa lapho, bevela kude le ngaphesheya kwezwe lapho wawudingeke uhambe uyombona, nokunye nokunye. Wayesesimweni esibi impela, wadingeka afike ekupheleni kolwazi lwakhe.

264 Wathi, "Nkosi, ngama eZwini laKho, ngakhuluma iQiniso. Futhi bonke bahambile, akekho osele lapha. Anginaye, anginaye ngisho engingamshumayeza." Amen. "Yebo, ngama eZwini laKho, Nkosi, futhi manje buka lapho engikhona manje, akekho noyedwa kubo ozongemukela. Ngiya edolobheni, bathi, 'Nakhu kuza ongahlahlile ekhanda omdala. Ya, ya, nango lowo omdala ongahlahlile ekhanda eza edolobheni, manje uzoqala aqhubeke—aqhubeke nalokhu lapha ukuphila kwesimodeni nakho konke.'"

265 "Ungabi naye! Melusi, ungabambisani nalowo mfo! Qhabo, mnumzane!"

266 Melusi, "Manje lolohlanya oludala lusedolobheni futhi. Niyabo, lowo u-Eliya phandle lapho, umfo omdala onempandla. Ungamnaki lowomfo omdala. Mbuke, akagqokisi ngisho okomfundisi wasesontweni nengubo yakhe ende yobupristi enjengeyami (isigqoko sakhe, niyazi; futhi esukuma ngaphambili, nokhololo ubhekiswe emuva, niyazi)." Wathi, "Aka . . ." Wathi, "U—u . . . ba . . . ungohlukile othi akabe . . . U—ungumfo othi akabe yinqaba."

267 Futhi ngicabanga ukuthi abanye babafo abakhulu bathi, "Uyazi ukuthini? U—ungoguliswa yimizwa. E-hhe, yebo, u—uguliswa yimizwa, ehlala phandle lapho ehlane, ehlala ngaphandle emahlathini isikhathi sakhe esiningi, ungena nesiqephu sesikhumba semvu ezisonge ngaso. O, he! Bese-ke elahla labo besifazane! Angikaze ngiyibone into enjalo. Unga . . . unga—unga—ungazihlanganisi ngalutho naye, nhlobo! Ungabambisani!"

268 Awu, inhlangano yabefundisi iye yahlangana ndawonye, niyazi, yathi, "Ninga—ningazihlanganisi nalutho . . . Mkhululeni, ekugcineni uzo . . . uzofika ekupheleni kwakhe

kwengqondo. Maka—makaklabalase ubuchopho bakhe buphume. Yilokho kuphela, myeke."

269 Kepha u-Eliya omdala, ehamba ngeqiniso ngqo noNkulunkulu, (He, he.) wahlala neZwi ngqo. Babenomhlangano omncane ezansi lapho, futhi wayebuke ngaleya kwezethameli, uthi, "Nonke nina boJezebeli!"

270 "O, ukuba nesibindi uqobo! Ngeke ngiphinde ngihambe ngiyozwa lowo muntu futhi! Qhabo, mnumzane, ngeke ngibe naso!"

271 Lokho akummisanga, wahlala lapho ngqo ngokufanayo nje. Lapho elahlekelwa yibandla lakhe, lapho elahlekelwa elakhe. . . onke amahlelo amelana naye, kwakungaleyonkathi (lapho aba buthakathaka khona) wathi, "Sekusele mina ngedwa, futhi bafuna ukungibulala." Wathi, "Bangangidubula uma bengazedlulela ngakho." E-hhe. Niyabo? "Kepha ngi. . . Bafuna ukuphila kwami. Futhi kusele mina ngedwa, Nkosi, yini engingayenza na?"

272 Kwakungaleyonkathi, lapho eba buthakathaka khona (nokho emile ngeqiniso, evuma ubuthakathaka bakhe nakho konke), ukuthi uNkulunkulu wathi, "Khuphukela entabeni, Ngizokunikeza umlayezo omusha. Ngizokuthumelela umlayezo omusha manje. Sengivele ngikutshelile, 'Hamba uzilahle lezizinto,' manje Ngizokuthuma ubuyele emuva nokuthile ukufakazise ukuthi beKuqinisile." Wathi, "Wenze umsebenzi omuhle, Eliya. Ubatshelile ngeNenekazi lokuQala, nakho konke lokho, nokuthi bakwenze kanjani. Umlahlile u-Ahabi nazo zonke izinto zakhe zesimodeni nawo onke amabandla esimodeni, futhi sibatshelile labo bashumayeli lapho bengabakhona. Ube yisibonelo. Umile lapho ngaphandle kwanoma yiluphi usizo, noma iyiphi inhlangano, noma yini ngemuva kwakho, kodwa uhlale neZwi laMi. Manje Ngizokunikeza okuthile. Yehlela lapho futhi utshele lowo mzenzisi, 'ISHO KANJE INKOSI! Akuyikubakho ngisho amazolo ehla eZulwini ngize Ngiwabize.'" He! He! Wamkhuphulela esiqongweni sentaba ukumkhombisa okuthile!

273 O, sengiyambona ngalokho kusa, eza, ehamba ehla ngalowomgwaqo waseSamariya. Wayengabukeki kakhulu kangako, impela, lelokhanda elinempandla licwebezela elangeni, izinwele ezimpunga nobuhwanqa bulenga ebusweni bakhe, isiqeshana sesikhumba semvu. IBhayibheli lathi waye "noboya," izinwele kuye wonke, ngiyacabanga wayeyinxovanxova ukuba uyibuke; leyonduku encane endala esandleni sakhe, nalawomehlo amadadlana ebuka ngqo ngasezibhakabhakeni, ehamba ehla ngomgwaqo. Futhi wena. . . yena. . . ngicabanga ukuthi waziphathisa okomuntu oneminyaka eyishumi nesithupha ubudala lapha wayecishe abe neminyaka engamashumi ayisishiyagalombili. Lapha wayeza, ehamba ehla

ngomgwaqo, eqonde ngqo eSamariya. Mfowethu, wayesevele enziwe waba namandla kunasebuthakathakeni bakhe, "Amandla okuqina ami enele. Ungakhathazeki ngezinhlangano, Eliya. Ungakhathazeki ngabo, amandla okuqina aMi ayikho konke okudingayo."

274 Ngiyakhumbula ngimi ngasethempelini elikhulu ngesinye isikhathi, futhi ngathi, "Nkosi, ngingakuzonda ukuthi beze ehhovisi lami—lami."

Wathi, "NgiyiNgxenye yakho." Niyabo? "NgiyiNgxenye yakho."

275 "E—ebuthakathakeni khona-ke ngi—ngi . . . Amandla okuqina ami aqinile. INtando yami ephelele izokwenziwa (Pawulu, noma Eliya, noma ngabe ungubani) uma uphuma endleleni." Niyabo? "Ebuthakathakeni bakho, khona-ke nginamandla. NginguYe! NginguYe onaMandla ongenayo futhi agcwalise."

276 Sengiyambona ehamba ehla ngqo ngalowomgwaqo waseSamariya, lawomehlo amadala ebukeka *kanjalo*, mfana, uhlobo lokumamatheka uhhafu ebusweni bakhe. Mfowethu, wahamba wenyuka ngqo ebukhoneni buka-Ahabi. Akazange angingize, akazange ankwankwaze. Qhabo, qhabo! Eshaya ngaphansi kwalesosifuba esidadlana esinesikhumba kwakuyinhliziyo enoMoya oNgcwele ihlala lapho. Yebo, impela! Eza ehla ngalowomgwaqo, wahamba waqonda ngqo ngaphambi kuka-Ahabi, futhi wathi, "Akukho ngisho amazolo azowa ngize Ngiwabize."

277 Wagxoba ngezinyawo zakhe futhi, waphenduka, wahamba wabuyela emuva ehlane. Wathi, "Lowo bekungumsebenzi omuhle, Eliya. Yenyukela lapha, Ngiyalile onke amagwababa ukuba akondle manje, futhi i . . . futhi hlala phansi phezulu lapha isikhashana." O, he!

278 Ngenkathi wayebuthakathaka, khona-ke uba ngonamandla. Yebo, mnumzane. Wavala amazulu ukuze lingani. Yilapho eba ngonamandla, lapho elahlekelwa ibandla lakhe, walahlekelwa yikho konke ayenakho, konke okunye. Kodwa wahlala neZwi likaNkulunkulu, khona-ke wayenamandla okuvala amazulu.

279 Ngenkathi uJakobe elahlekelwa yiwo onke amandla akhe okuqina, khona-ke uNkulunkulu umnika amandla ukuba abe yinkosana. Niyabo?

280 Ngenkathi uPawulu elahlekelwa yimfundo yakhe yonke isayense yakhe yezenkolo, uNkulunkulu wamenza isithunywa senkolo kwabeZizwe.

281 Ngenkathi uMose elahlekelwa yilolonke ikhono lakhe futhi uba buthakathaka, uNkulunkulu wamenza wabanamandla futhi wamthumela eGibhithe ngamandla kaMoya, enamashumi ayisishiyagalombili ubudala; ubuhwanqa bulengela phansi,

umkakhe egibele umnyuzi nomncinyane wakhe ehlezi enqulwini yakhe, nenduku esandleni sakhe, wehla futhi wanqoba iGibhithe. Ya. Niyabo? Kungekho ibutho ngemuva kwakhe, sengathi wayefuna ukuhamba, kodwa ngamandla kaMoya. Amen!

Lapho ubuthakathaka khona-ke unamandla.

282 Ehamba nje ehla ngalowomgwaqo, akankwankwazanga, akakhubekanga, akenzanga lutho, wahamba waqonda ngqo ebukhoneni buka-Ahabi, futhi wathi, "NgineZwi leNkosi."

Wathi, "Nguwe okhathaza u-Israyeli."

283 Wathi, "Nguwe okhathaza u-Israyeli." Yebo, mnumzane. O, mfowethu! Yebo, mnumzane. "Khipha labobapristi abanobuhlakani onabo phezulu lapha, futhi asibone ukuthi ngubani uNkulunkulu." Nakho lapho okhona. "Khuphukela eNtabeni iKameli, makuthi uNkulunkulu ophendule ePhentekoste abuye aphendule futhi. Asibone uma uNkulunkulu esenguye uNkulunkulu ofanayo, uma uJesu enguyena izolo, namuhla, naphakade." Uyehla entabeni, wayenoMlayezo. Yebo. Waba buthakathaka ngempela ngaphambi kwalokho, nokho, walahlekelwa yikho konke ngaphambi kokuba akwenze. Wadingeka abe buthakathaka ngaphambi kokuba abe namandla.

284 Ngubulula beVangeli obungabazisa abantu. Bazama ukuLenza into ewubuhlakani enkulu, lapho kungubulula. Kodwa uNkulunkulu uthatha lona kanye ithuluzi lokuzithoba nobuthakathaka nobulula, ukusebenza imisebenzi yaKhe ngalo. Lokho yilona thuluzi kuphela elisesandleni sikaNkulunkulu.

285 UJohane uMbhaphathizi, uMlayezo wakhe, umanduleli kaKristu, olula kakhulu Weqa ngaphezu kwamakhanda abantu. Lalela umzuzu nje. (Ngiyethemba anginibambi isikhathi eside kakhulu, nina enimi nizungeze izindonga, niyabo.) Bukani! UJohane, lapho . . . Bonke abaprofethi banikeza ubufakazi bukaMesiya ozayo. Omunye wabo washo ukuthi "Izintaba ziyotshekula njengezinqama ezincane." Abanye bathi, "Amacembe ayoshaya ihlombe." Omunye wathi, "Zonke izindawo eziphansi ziyokwenziwa ziphakame, nezindawo eziphakemeyo ziyokwenziwa zibe phansi." O, he! Usuku olunje pho!

286 Uke wasicabanga iSikole sabaProfethi nomqondo wobuhlakani walokho na? O, he, babenayo yonke into igqame kakhulu! Kodwa ngenkathi kwenzeka, ngaphandle kwehlane kufika umshumayeli omdala ongakaze abe nosuku olulodwa lokufunda empilweni yakhe, mhlawumpe ukukhulunywa nokubhalwa kolwimi kwakhe kwakuphansi kakhulu. Uyise wayengumpristi, kepha uNkulunkulu wamsusa kulokho. (Besinakho esifundweni sangeSonto eledlule.) Wayengeke avumele axubane nalawo mahlelo, futhi wamthatha wamyisa

ehlane ukuze amqeqeshe qobo lwaKhe. Lolo uhlobo—lolo uhlobo oluzohlala neZwi likaNkulunkulu.

287 Uphuma ehlane, cishe iminyaka engamashumi amathathu ubudala; ngiyacabanga intshebe emnyama ilenga ebusweni bakhe, izinwele ezisongene; isiqephu esikhulu esidala semvu sisongelwe kuye; wama odakeni, lufika emadolweni akhe; wathi, "Nginguye okwakhulunywa ngaye ngomprofethi u-Isaya." Futhi amanye amahlelo ayaphuma; wathi, "Ningacabangi ukusho ngaphakathi kwenu, 'Sina*lokhu* na*lokho*,' UNkulunkulu angamvusela u-Abrahama abantwana kulawamatshe!" O, he! Ngani? Wayeno ISHO KANJE INKOSI! WayenoMlayezo. UNkulunkulu wabikezela ukuthi wayeza. Futhi isizathu . . . Kufika ngobulula obunjalo, Kweqa ngaphezu kwamakhanda abo.

288 Ngenkathi uJesu efika, Wathi, "Naphuma ukuyobona ini, isikhulumi esihlakaniphile esingaguqulwa sisuka kwiMethodisti siye kwiBaptisti, futhi sisuke kwiBaptisti siye kwiPresbyterian, sisuke kwiPresbyterian siye kwiPentecostal, futhi kwiPentecostal siye kokunye okuthize na? Naphuma ukuyobona umhlanga ontengantengiswa umoya na? Hhayi uJohane!" Wathi, "Naphuma ukuyobona umuntu owembethe ilineni elicolekile na?" Wathi, "Basezigodlweni zamakhosi, lolohlobo lomfundisi." Wathi, "Niphumela ukuyobonani, umprofethi na?" Wathi, "Odlula umprofethi!"

289 UJohane wayedlula umprofethi. Futhi, bukani, ufika ethobe kunabo bonke. Kepha wayedlula umprofethi. Niyazi ukuthi uJohane wayeyini na? Wayeyisithunywa sesivumelwano. Impela, wayeyiso. Wahamba ngale komprofethi. U*mprofethi* ungumboni obona izinto. UJohane wakwenza, futhi, kodwa wayedlula lokho. Wayeyisithunywa sesivumelwano. Wathi, "Ya, lona nguye okwashiwo ngaye ukuthi, 'Ngiyakuthumela isithunywa saMi ngaphambi kobuso baKhe.'" Yilowo okwakuyikho, wayeyisithunywa sesivumelwano. Impela. Ngendlela yakhe elula yokuza, kwavele kwaphuphuthekisa onobuhlakani.

290 Manje sizofanele sivale masinyane impela, cishe emizuzwini embalwa, sithola izinto ezimbalwa lapha engifuna ukuzisho, imiBhalo ethile nenothi elithile.

291 Kuthiwani ngomfelokazi nenkeshezana yempuphu na? Wayefike ebuthakathakeni bakhe, mhlawumpe wayesethi akafe yindlala. Wayengenakudla. Wayengenakuya kwenye indawo ukuyokwenana ukudla, akekho omunye umuntu owayenakho. Kepha ufika endaweni, ikholwa elikhulu, umyeni wakhe wayekade eyindoda enkulu kaNkulunkulu. Futhi wayengumfelokazi, enomntwana. Futhi wayenenkeshezana nje yempuphu, kepha yayenele, yilokho kuphela ayekudinga; ukukunikela ezandleni zikaNkulunkulu, waqhubeka waphila

iminyaka emithathu nezinyanga eziyisithupha, ngenkeshezana yempuphu. Waba buthakathaka.

292 Waphuma ngalokhokusa ukuyocosha izinkuni ezimbili, futhi uyazephula futhi uzibeka ndawonye. Niyabo, izinkuni ezimbili yisiPhambano. Niyabo? Phula . . . Wathi, "Ngizothola izinkuni ezimbili." Akakaze athi, "Ngithola okulingana nengalo," manje, izinkuni ezimbili nje. Yilokho kuphela. Niyalubona uphawu na?

293 Futhi, ya, indlela yasendulo endala . . . Indlela yokubasa umlilo manje, ingukuthi thatha izingodo futhi uziphambanise, zishise ngqo phakathi nendawo. Uma ngiyokhempa, Mina . . . ezintabeni ngesikhathi sasebusuku, ukuzivikela ngingabulawa amakhaza, ngibeka ugodo nga *le*ndlela nogodo nga*le*ndlela, futhi ngesikhathi sasebusuku ngivele nje ngilokhu ngiziphusha ngasekupheleni, futhi lusha ngqo kanjalo lapho ukhuphuka, niyabo, kwedlule ngqo esiphambanweni.

294 "Nginezinkuni ezimbili. Ngizokwenza isinkwa, ngilungise le mpuphu, le nkeshezana encane yempuphu, futhi ngenze iqebelengwana lami nendodana yami. Sizolidla bese siyafa." Wayesebuthakathakeni ngempela, wayengenjalo na? Wathi . . . Futhi waphenduka futhi waqala ukubuyela emuva. O, lokho kusa okushisayo! O, kwase kube yisikhathi eside kakhulu khona-ke bengenalutho. Yonke into . . . Akunamanzi, nabantu bedazuluka, abantu befa, yonke indawo; akukho lapho ungenana khona, akukho lutho ongalwenza. Wayesekupheleni komgwaqo wakhe. Wayesebuthakathakeni bakhe. Wathi, "Ngizokulungisela mina nendodana yami, bese-ke siyadla futhi sife." Ngakho-ke waphenduka futhi wathi . . .

295 "Umzuzu nje!" Wabheka emuva. Futhi lobobuso obunoboya obudala bunamathele ngaphesheya kwesango ezansi lapho, bathi, "Hamba uyongenzela iqebelengwana elincane kuqala, futhi ulilethe kimi." O! "Ngilethele ingcosana yamanzi ngesandla sakho, nocezu lwesinkwa, ngokuba, ISHO KANJE INKOSI!" O, he, lokho kwakwenza. O, he! Lokho okuncane ayenakho, niyabo, wakunikela kuNkulunkulu. Lokho kwakwanele ukumondla sonke isikhathi. Ya. Niyabo, lapho wayebuthakathaka khona-ke wayenamandla.

296 Omunye wayenesitsha nje esinamafutha amancane kuso. Futhi wayengenalutho, amadodana akhe amabili yayizothengiselwa ukuba yizigqila. Wayengenalutho okunye ayengakwenza ngalesisitsha esincane samafutha. Kwakungekuningi kakhulu, wayesekupheleni.

U-Eliya wathi kuye, "Unani endlini yakho na?"

Wathi, "Amafutha amancane nje esitsheni."

Wathi, "Hamba uye komakhelwane bakho, utsheleke eziningi."

297 Lapho, bukani, elungiselela ngaphambi kokuba ngisho kwenzeke. Mm? Elungiselela! UDavide wezwa lowomsindo ezihlahleni zamajingijolo. U-Eliya wabona ifu nje elingangesandla, bathi, "Ngizwa umsindo wemvula enkulu." Uma uNkulunkulu engathola kuphela ezinye izitsha ezingenalutho! Kunjalo.

Wathi, "Gcwalisa indlu igcwale zona." Amen!

298 Niyabona ukuthi uNkulunkulu ufunani na? UNkulunkulu ufanele abe nezitsha ezingenalutho. Lalelani! Sibe nemfundiso eningi kakhulu, umbhedo wobufundisi basesontweni omningi kakhulu, kuze kuba sisekupheleni komphongolo. Yinye kuphela into esele, phendukela kuNkulunkulu neZwi laKhe. Futhi uma uzokwenza lokho, thola ezinye izitsha ezingenalutho. Susa yonke iMethodisti iphume kubo, yonke iPentecostal iphume kubo, nayo yonke iBaptisti iphume kubo, futhi nje mababe yizitsha, futhi ubabeke endlini. Bese uthatha kulesiSitsha bese uqala ukuthela, amen, vele uqale nje ukuthela.

299 Wayenokwele ukunakekela yena nabantwanyana bakhe, nakho konke okunye, futhi wakhokha zonke izikweletu. Ngani? Ngani? Lokho nje okuncane ayenakho, wakunikela kuNkulunkulu, futhi walandela izwi lalomprofethi, yena uphuma ekahle.

300 Nkulunkulu, sithumele umprofethi ozothatha iZwi likaNkulunkulu, ongezukuthatha okunye o*kuthile-okunye,* kodwa nje athole izitsha ezingenalutho. Uma uNkulunkulu nje engathola izitsha ezingenalutho, bese-ke ethatha iZwi likaNkulunkulu aLithululele kumuntu.

301 Hhayi abanye bethi, "O, ngaqhaqhazela ngenkathi ngiLemukela. Ngakhuluma ngezilimi ngenkathi ngiLemukela. Ngasina eMoyeni." Khohlwa yikho, niyabo, khohlwa yikho!

302 Hlala lapho nje lize Lifike, yilokho kuphela, size sigcwale isitsha. Yilokho-ke. Yileyondlela okwenza ngayo. Yebo, mnumzane, ubulula baLo! "Izitsha zagcwaliswa," besingahlala kanjani kulokho!

303 Kwakungabafundi, bonke babexakekile ngelinye ilanga, uJesu washo kubo, wathi, "Kunabantu abayizinkulungwane ezinhlanu lapha," futhi wathi, "bayaquleka, babulawa yindlala." O, ngingahlala kulokho elinye ihora. "Izinkulungwane ezinhlanu, ababulawa yindlala," kunezigidigidikazi eziyikhulu ezibulawa yindlala!

Wathi, "Bamukiseni."

Wathi, "Asikho isidingo sokwenza lokho." Wathi, "Baphakeleni."

304 O, he! Sengiyacabanga bebutha konke ababengakuthola, futhi uyazi lapho sebethole konke (yonke into) ukubutha lokho . . . Ngiyaxolisa ngesisho, "ukubutha." Kodwa babenayo

yonke into, bathi, "Manje, lapha, sihambe sadabula kulolonke ikamu. Asinawo upeni wemali, ngakho-ke asikwazi ukuba nomkhankaso." Uyabo? "Ngakho-ke sinayo yonke into lapha, kodwa into kuphela esingayithola amabhisikidi amancane amahlanu nje nezinhlanzi ezimbili ezincane ezivela ezilwanyaneni ezincane" njengoDavide, ziphuma ehlane laphaya. "Yilokho kuphela esinakho. Yilokho kuphela esingakuthola. Sisekupheleni kwengqondo yethu. Akukho okunye esingakwenza, Johane." UPetru wathi, "Yilokho kuphela esingakwenza. Yilokho konke esingakwenza. Sisekupheleni kwethu kwengqondo. Yilento kuphela esinayo emgqeni wokudla esinayo."

305 Awu, ngingathatha nje umBhalo owodwa omncane, iZenzo 2:38, futhi yilokho kuphela esikudingayo, vele ulalele Lokho. Akudingeki ukuthi ufunde amakholiji, konke mayelana na*lokhu*, *lokho*, *okunye*, vele uthathe Lokho. Ya, vele nje—nje uthathe Lokho, yilokho kuphela okudingayo, "Phendukani, yilowo nalowo, futhi nibhaphathizwe eGameni likaJesu Kristu kukho ukuthethelelwa kwezono zenu, futhi niyakugcwaliswa ngamaFutha." Niyabo? Vele uthulule, lungela Lowo, yilokho kuphela okudingayo. Vele ufake iconsi kukho, kubuke kugcwala.

306 Niyazi, kwakungenzima ngokwanele kuleso sitsha sokugcina ukwenza iconsi kwesinye ngasinye. Mhlawumbe wathatha umunwe wakhe, ka*njena*, wavele wakuconsisela kwesinye nesinye kanjalo; wabuka emuva futhi kwase kugcwele. Vele uconsisele, uyabo, yilokho kuphela akudingayo, ngoba kwakungamafutha abusisiwe.

307 Ungathathi isipiliyoni sasekholiji esithile. Thatha iZwi likaNkulunkulu futhi uLiconsisele phakathi lapho, ubone ukuthi ligcwala kanjani.

308 Wathi, "Awu, hlobo luni lweconsi okufanele silwenze na? Mhlawumbe singathatha okuthile okuphuma emaHubweni."

309 Thatha lokho engikutshele khona, "Phendukani, futhi nibhaphathizwe eGameni likaJesu Kristu kukho ukuthethelelwa kwezono, futhi niyakugcwaliswa kuvela kuleloConsi." Vele uconsisele lokho phakathi lapho, futhi uyakugcwaliswa ngokuvela kuleloConsi. YileloConsi uPetru alisebenzisa ngoSuku lwePhentekoste. YileloConsi uPawulu alisebenzisa. YileloConsi bonke abafundi abalisebenzisa. Konke okwakho kuyokwenezelwa, thatha nje leloConsi futhi ulandele lokho wedlule, futhi konke okwakho kuzoba kahle.

310 Yiba buthakatha! Yiba ngongenalutho! Thulula konke, futhi kusukela lapho kuqhubeke kuzobe kulokhu kuconsa, futhi uNkulunkulu uzokwenza konke ukuconsisela. Yenza lokho nje. Yiwa ngamadolo akho futhi wemukele lokho ngenhliziyo yakho yonke. Yehlisa inhliziyo yakho khona manje bese uthi,

"Nkulunkulu, ngiyaKukholwa, ngenhliziyo yami yonke!" UNkulunkulu uzonakekela onke amaconsi, lizogcwaliswa, "Niyaku ref- . . . kugcwaliswa ngoMoya oNgcwele."

311 Manje babenamabhisikidi amancane amahlanu nezinhlanzi ezimbili. Ngakho-ke babezokwenzani na? Ngakho-ke bayakhuphuka futhi bathi, "Yilokhu kuphela esingakubutha. Sisekupheleni kwengqondo yethu. Angeke siluthole olunye ucezu lwesinkwa ndawo, akukho muntu. Futhi lo mfanyana, mhlawumpe efanekisa . . . ebalekela isikole, waya esikoleni kulokhukusa, futhi walova esikoleni futhi wahamba wayodoba ezansi lapha. Futhi simcoshe ezansi lapha emfudlaneni, uyafika ukuzolalela. Futhi, lapho, unezinhlanu." Ngiyabonga Nkulunkulu ngalowomfanyana! Yebo, mnumzane. Wathi, "Si . . . into kuphela esinayo emgqeni wempilo yileli consi elincanyanyana lapha." Wathi . . .

312 UJesu wathi, "Lokho kwanele. Kungeniseni lapha." Niyabo? "Lethani lapha, maNgibe nakho. MaNgibe nalelo consana, Ngizonakekela konke. Manje, qhubekani ninikezele njengoba Ngininika kuvela kuleliconsi."

313 Futhi yilowo nalowo kini akathathe iconsi leZenzo 2:38 kulokhukusa, enhliziyweni yenu, futhi nje nithathe kusuka lapho futhi niMbhekisise eqala ukuhlephula iSinkwa sokuPhila kini. Phendukani, nibhaphathizwe eGameni likaJesu Kristu kukho ukuthethelelwa kwezono zenu, bese khona-ke nibone uma uMoya oNgcwele ungaconseli ngaphakathi, uqhubeka uconsela ku*lokhu* futhi uconsela ku*lokho*, uconsela *lapha* futhi uconsela *lapho*, futhi uconsela *lapho*, futhi kuzobakhona ukugcwaliswa koMoya oNgcwele! Kunjalo!

314 Awudingi ukuya emakholiji. Awudingi ukuba uhlakaniphe. Into kuphela okudingeka uyenze zibone ukuthi awazi lutho. Vumela uNkulunkulu akubambe, Uzokunakekela konke okunye.

315 Kulungile, khona-ke iPhimbo lathi, "Baletheni lapha." Yilokho uNkulunkulu akufunayo kulokhukusa, ukuMlethela isigejane sezitsha ezingenalutho. Uzokunakekela konke okunye. Yebo, mnumzane.

316 UBartimewu oyimpumputhe ehlezi ngasesangweni, emanikiniki, egodola, o, isikhashana sakhe sobuthakathaka, lapho ezwa iPhimbo, lathi, "Mletheni lapha." Kunjalo, khona, ngesinye isikhathi, yisikhathi sakho sobuthakathaka.

317 Kwakukhona uMariya ethuneni, edabukile, uMntwana wakhe, uMfana wakhe wayebulewe, yonke into, onke amathemba lalingasekho. Futhi wahamba ukuyoMgqumisa, futhi ngisho umzimba waKhe wawungekho lapho. Futhi wezwa iPhimbo lithi, "Ukhalelani, sifazane?"

318 Wathi, "Bayithathile iNkosi yami. Futhi ngi . . ." Into encane bandla, kwakunguMntwana wakhe wayefakwe

ehlazweni; baMhlubulaa wabanqunu futhi baMlengisa phezulu lapho esiPhambanweni, futhi baMbethela futhi baMbethela ngezipikili phezulu lapho, emva kokuba Wayezisho ukuthi unguMesiya, emva kokuba wayekwazile ukuthi uMoya oNgcwele wamsibekela futhi wabeletha loMntwana. KwakunguMntwana kaNkulunkulu. Wayekade eyibonile imisebenzi yaKhe, nakho konke, futhi wayebone kahle ngesikhashana sobuthakathaka . . .

319 Futhi lapho uJesu wayekade emelene nobubi, wayemelane nalezozinhlangano, wamelana nalabobaFarisi; futhi uba buthakathaka futhi Wazinikela ekufeni, futhi wafa njengesoni esiPhambanweni, ethwele izono zethu. Wona kanye amaHubo, bona kanye abaprofethi ababekholelwa kubo, babecaphune (amakhulu eminyaka ngaphambili) wona kanye amaZwi Awasho eKalvari, futhi behluleka ukukubona. Obabo obukhulu ubufu- . . .

320 "Nkulunkulu wami," kwasho uDavide, "Nkulunkulu wami, Ungishiyeleni na?" AmaHubo 22, "Onke amathambo ami, angigqolozele, akukho nelilodwa lawo eliphukile. Banikina amakhanda abo bese bethi, 'Wathembela kwabanye . . . Wa— Wasindisa abanye, Yena uqobo Angezisindise.'" Futhi zonke izinto abaprofethi ababezishilo, kwakukhona lapho! Futhi uJesu, efa, ebambe leloZwi, waZinikela. UNkulunkulu, u-Emanuweli, uba buthakathaka kakhulu ukuthi WaZinikela ekufeni, nasethuneni, nomphefumulo waKhe esihogweni. Ubuthakathaka! Kepha kulokho kuzinikela okuphelele . . . kwaphuma ngalokhokusa kwePhasika, kuzongolozela indlela yaKho kusuka kwephansi kunazo zonke.

321 WayengoPhezulu kunakho konke, futhi uba ngophansi kunakho konke. Uza kubantu abaphansi kunabo bonke, waya edolobheni eliphansi kunawo onke. Futhi indoda encane kunawo onke edolobheni yadingeka ukuba ibuke phansi kuYe. Wahamba esuka lapho waya ekufeni, futhi esuka ekufeni eya ethuneni, futhi esuka ethuneni eya esihogweni; kwephansi kunayo yonke engatholakala, esihogweni esiphansi kunakho konke okungacatshangwa, Waya kukho.

322 Kodwa khona-ke, ukusuka lapho, uNkulunkulu uqala ukuMvusa. Edlula eParadasi, ukusuka lapho kuya e—ethuneni, nokusuka ethuneni kuya eNkazimulweni, futhi Phezulu kakhulu ukuthi Ufanele abuke phansi ukuze abone iZulu. Waphakamisa izihlalo zobukhosi zaKhe eZulwini!

323 Lowo mama omncane edabukile, engakwazi lokhu, emi lapho, "Bayithathile iNkosi yami, futhi angazi ukuthi ikuphi." Waye . . . ihora elibuthakathaka kunawo onke ake abanalo. INkosi yakhe—yakhe yayingasekho. BaYibethelile, nokho Yakuvumela lokhu . . . beMbethela ngehlazo lokuMlengisa phezulu lapho enqunu phambi kwalabo bantu; futhi

baMgwaza ohlangothini, futhi opha, futhi bayaMuzwa ekhala esiPhambanweni, futhi wabona umhlaba uzamazama, futhi onke amazulu aqonda ukuthi Wayefile. BaMehlisa, egongobele futhi ebanda, futhi baMlalisa ethuneni. Wacabanga, "Izinhlonipho zokugcina engingazenza eMntwaneni wami othandekayo ukuza futhi ngiMgqumise, futhi manje baMsusile." Futhi wayemi lapho ekhala, lowo mama omncane emi lapho ekhala, enesilokozane. O, umzuzu obuthakathaka kunayo yonke!

"Ukhalelani, sifazane na?" kwakuyiPhimbo ngemuva kwakhe.

324 Wacabanga ukuthi kwakungumbheki emathuneni, wathi, "O, basusile . . . " Akakwazanga ngisho nokuphenduka, wayebuthakathaka kakhulu. Wathi, "Bengingalele manje zonke lezi zinsuku ezintathu nobusuku. Ngimile futhi ngabhekisisa ukubethelwa, ngisibhekisisile iSithandwa sami uqobo engaziyo ukuthi bekuyiNdodana kaNkulunkulu. Ngiyazi Ubeyiyo! Futhi nokho ba . . . " (Ebuka ngenye indlela, futhi Yena engemuva.) "Futhi baMsusile futhi baMbethelile. NgiMbone evusa abafileyo ethuneni. NgiMbone enza izimangaliso emva kwezimangaliso. Futhi ngiyazi uMoya oNgcwele . . . uNkulunkulu uyayazi inhliziyo yami, bengingenacala kunoma yini, futhi uMoya oNgcwele unginikeza leyoNgane ngaphandle kokwazi indoda. Ngazi kanjani pho ukuthi bekuyiqiniso! Futhi ngiMbonile ehlazeka futhi . . . beshaya izingubo zaKhe, besusa izimpahla zaKhe kuYe, futhi baMlengisa phezulu lapho futhi baMshaya bamlahla phansi. Ufe ukufa okwesabekayo kunakho konke. NgiyaMthanda, anginendaba kokwenziwe kuYe. Ngisafuna ukuMngcwaba, ngifuna—ngifuna ukuMnika uhlobo olukahle lomngcwabo, futhi baMsusile. Ngibe lapha izinsuku emva kwezinsuku, inhliziyo yami idabukile. Ngimile nje kulesi simo. Angazi ukuthi benzeni ngeNkosi yami."

325 Wathi, "Mariya." Futhi khona-ke wayenamandla. Amen! "Hamba utshele abafundi baMi Ngizohlangana nabo eGalile." O, he!

326 Ebuthakathakeni khona-ke senziwe saba namandla. Uma ubuthakathaka, kuyilapho uba ngonamandla.

327 UPetru, emva kokuba wayephandle lapho edoba, waye . . . umsebenzi wakhe wawungukudoba. Ngithi ukuluthanda uhlobo lomsebenzi wakhe. Futhi ngakho, wayephandle lapho edoba, edumele wonke, azi ukuthi wayemphikile uKristu. O, he! Wayemzwile lowo mProfethi emile lapho futhi emtshela, "Petru, uthi uyaNgithanda na?"

328 Wathi, "O Nkosi, Uyazi ukuthi ngiyaKuthanda." Wathi, "NgiyaKuthanda. Ngikulungele ukuKufela."

329 Wathi, "Petru, ucabanga ukuthi ukuqondile lokho, kepha uzoNgiphika kathathu ngaphambi . . . UzoNgiphika ngaphambi

kokuba iqhude likhale okwesithathu. Uyabo, uzoNgiphika kathathu ngaphambi kokuba iqhude likhale."

330 Futhi khona-ke ebona lokho kufezeka, ngenkathi wayemi lapho futhi wathi "AngiMazi. Qhabo, angazi lutho ngalawo maPentecostal lapho."

331 Akukabi yisikhathi sokuyeka ukushumayela, yiwashi lami nje elicushwe i-alamu. [I-alamu lewashi likaMfowethu Branham ikhalile—Umhl.] Niyabo? Washo ukuthi, "Ngi—ngiyazi . . ." Ngi—ngifanele ngime manje, kodwa a—angikwazi ukuma ngqo ngalesisikhathi, niyabo, ngakho-ke ngizofanele ngiqedele lokhu lapha umzuzu nje.

332 Wathi, "Ngi—ngi—ngi—ngiyazi ngiMphikile. NgiMphikile ebukhoneni bukaPilatu. NgiMphikile ebukhoneni lapho lowo wesifazane omncane efike ngakimi, wathi, 'Awusuye omunye wabo na?' 'Qhabo!' Futhi ngize ngathuka!" O, wayesesimweni esesabekayo kakhulu. Wathi, "Ngi—ngi—ngi . . ." Waphika . . . WayeMphikile. Futhi wayebonile uJesu ema futhi ubuka ngale, khona-ke kulapho iqhude lakhala, wabuka ngale kuPetru. Waphuma. O, wayedumele kuye uqobo, wathi, "Ngisaphilelani namanje na?"

333 Futhi khona-ke, ngaphandle kwalokho, wathi, "Ngicabanga ukuthi ngizobuyela emuva futhi ngihambe ngiyodoba futhi. Angeke ngisaphinde ngishumayele, ngakho-ke ngizovele ngibuyele emuva ngiqale ukudoba." Wayekade ephose amanetha akhe futhi waphosa ubusuku bonke, akazange abe nenhlanzi. Futhi wayesendaweni ebuthakathaka, wayengenalutho, edumele ngaye uqobo, efika ekupheleni kwamakhono akhe.

334 Awu, wacabanga ukuthi wayengumuntu omkhulu, wayenqume indlebe yendodana yompristi omkhulu kanjalo. Awu, wacabanga ukuthi wayengumfo omkhulu, niyazi, wayefunde okuthile. Kepha wayengazi lutho! Wayefanele akhohlwe yikho konke ngakho.

335 Futhi nango wayephandle lapho, wathi, "Awu, ngazi into eyodwa, ngingumdobi. Ngisengakwazi ukuziphilisa, ngokudoba." Waphosa ubusuku bonke futhi akatholanga lutho. O, yeka ukudumala okunje! Njalo lapho eyidonsele phezulu, inethi engenalutho. Futhi wayedumele kakhulu! Wayesendaweni ebuthakathaka kunazo zonke, wathi, "Ngingahle ngizizwe sengathi ngingagxuma ngiphume kulesi sikebhe. Angifanelwe yilutho, empeleni."

Wathi, "Ninayo inhlanzi, bantwana na?"

336 Wabheka ngaphandle osebeni, futhi nakho kwakumi iNdoda. Wathi, "Qhabo, sishikashike ubusuku bonke futhi asibambanga lutho. Bengicabange ukuthi bengingumdobi."

"Ngabe nguwe lowo, Simoni na?"

337 "Ya. Awu, ngishikashike ubusuku bonke futhi angibambanga lutho. O, ngi—ngi . . . Asinanhlazi phandle lapha."

Wathi, "Awu, phosani amanetha enu ngakolunye uhlangothi."

338 "Sikwenzile . . . Ini?" Khona-ke yena be- . . . Wathi, "Ngakolunye uhlangothi na? Kade sikwenza lokho!"

"Iphoseni ngakolunye uhlangothi."

339 Waphonsa amanetha akhe, futhi wadonsa. Wathi . . . Khona-ke uyaqina. O, he! Wahlwitha ijazi lakhe lokudoba elidala walimbatha, wathi, "Bazalwane, lowo NguYe!" Futhi ubahlula bonke abanye eya osebeni, ngaphambi kokuba bagwedle izikebhe ngokukhulu ukushesha njengoba babengenza, wabadlula ngokubhukuda, egqoke ijazi lokudoba, wafika osebeni. Ngani? Lapho wayenamandla. Lapho wayenamandla wayengeke enze lutho, kodwa lapho eba buthakathaka khona-ke waba namandla. Yebo, mnumzane.

340 O, isu likaNkulunkulu ukuthatha izitsha ezingabantu ezingenalutho bese ezamazamisa izwe ngazo. (Manje, okuncanyanyana nje futhi sizohamba.) NjengasePhentekoste, ePhentekoste, Wenzani na? Kwabathatha izinsuku eziyishumi ukuzithulula zonke. Kepha bonke wabemi lapho nezitsha zabo zibhekiswe phezulu, futhi uNkulunkulu wazithatha Yena uqobo futhi wazigcwalisa. Yilokho kuphela! Bazamazamisa izwe; wazithululela Yena uqobo kuzo.

341 Leso yisidingo sanamuhla. Yilokho esikudingayo namuhla, izitsha ezingenalutho, yebo, mnumzane, ngakho-ke uNkulunkulu angazigcwalisa. Futhi angeke ukwazi ukuzithatha . . . Ngifanele ngedlule okuningi lapha. UNkulunkulu angeke azisebenzise uma nje sezivele zigcwalisiwe. Uma ugcwele ukuqeqeshwa kosiyazi bezenkolo, uNkulunkulu angeke akusebenzise. UNkulunkulu uzofanele abe nezitsha ezingenalutho ukuze *Yena* azigcwalise.

342 Manje, u-Eliya akazange athi, "Hamba uthole izitsha ezithile futhi uboleke inqwaba yamafutha, futhi sizobona uma singathola intengo yokuthengisa enhle kukho, bese uthola okunye okuncanyana futhi ungakhokhela umakhelwane kanjalo." Wathi, "Vele uthole izitsha *ezingenalutho*. Yikho konke okudingayo."

343 Yilokho okwakuyikho ePhentekoste, babenezitsha ezingenalutho ukuze uNkulunkulu ezozigcwalisa. Mfowethu, lolusuku ludinga lokho. Ngalolusuku; ufanele ube nalokho. Sizoba nalokho noma sibhubhe. Ngizovala manje, lalelani. Sizodingeka sibe nalokho noma sibhubhe. Yebo, mnumzane.

344 Imishini yobufundisi basesontweni emikhulu esinayo, imishini yebandla emikhulu igcwele ikhabhoni, inenokhi

yokomoya kuyo. UMfowethu Collins ulapha ndawondawo, noMfowethu Hickerson. Ngicabanga ukuthi ushafti awulungile. Into ethile ayihambi kahle. Basebenzisa uhlobo olungalungile lukapetroli, yonke igcwele ikhabhoni. Basebenzisa isipiliyoni sasekholiji esikhundleni sikaMoya oNgcwele.

345 Izimvuselelo zethu ezinkulu zezwe, indoda yethu enkulu, imikhankaso yethu yokuphulukisa, yonke ihlulekile. Siyazi yehlulekile. Bukani umshumayeli wethu odumileyo, uBilly Graham, unqamule isizwe emuva naphambili, emuva naphambili, emuva naphambili. Kwenze buhle buni na? U-Oral Roberts, imikhankaso yokuphulukisa yonke indawo, futhi iya ngokuba mibi ngaso sonke isikhathi.

346 Ngoba konke yiBaptisti, iPresbyterian, i-Assemblies of God, zonke lezi ezinye izinhlangano ezahlukahlukene, zihlanganise zonke ndawonye, kuyini na? Umshini wobufundisi basesontweni omkhulu kakhulu, futhi uNkulunkulu ukugcwalise phama ngekhabhoni enzela wena. Manje nje ithi vumvum, "vum," phampu, phampu, phampu, "vum," phampu, phampu, phampu, okuncanyanyana lapha nalaphaya. Isiphelile! Isiqediwe! Upetroli usuphelile, uye wathela amanzi kuwo. Yonke into ayisekho (yebo, mnumzane), amathayi ayizicaba nhlangothi zombili. Sisesimweni esesabekayo. Umshini wobufundisi basesontweni umile.

347 Futhi, mfowethu, isivalo sesiphumile esihogweni. Kulungile. Futhi imifudlana yamandla amademoni iyathulula ivela yonke indawo. Inqobe izizwe. Inqobe ezombusazwe kuze kuthi kubole kwaze kwayofika emnyombweni. Inqobe amabandla aze angazi lutho ngaphandle kwehlelo.

Wena uthi, "Ngabe ungumKristu na?"

"NgiyiMethodisti."

"Ngabe ungumKristu na?"

"Ngiyi—ngiyiPentecostal."

348 Lokho akusho lutho, njengoba ngasho ngelinye ilanga, kunokuba yingulube efuywayo, noma ingulube yehlathi, noma ihhashi, noma okuthile. Lokho akuhlangene ngalutho naKho. UngumKristu uma uzelwe kabusha futhi wagcwaliswa ngoMoya oNgcwele, hhayi kuze kube lapho, futhi uzinikele ngokuphelele kuMoya. Uma ungazinikele kuMoya, khona-ke awuzelwe kabusha futhi awunawo uMoya oNgcwele. Ungahle ukhulume ngezilimi futhi uthuthumele, futhi ugxume futhi ugijime, futhi wenze zonke izinhlobo ze . . .

349 UPawulu wathi, "Nginganqukula izintaba ngokukholwa, ngingaphulukisa abagulayo, ngingaba nolwazi lweBhayibheli, ngingaya ekholiji futhi ngifunde yonke lento, yonke into," wathi, "Anginto yalutho namanje!" Haleluya!

350 O, he, ukhuluma ngesivalo seketela! Amademoni ezungeza, amandla kadeveli, ngaphansi kwegama lobuKristu, "efundisa iMfundiso imiyalo yabantu," izimfundiso zamakholiji esayense yezenkolo, eshiya iBhayibheli lodwa.

351 Haleluya! Ubani ongakwazi uku, ubani onamandla ngokwenele, ubani ohlakaniphile ngokwenele na? Ubani onamandla ngokwenele ukuthambisa lolegiyoni ohlubula izingubo zabesifazane bethu, egameni labashumayeli, iMethodisti, iBaptisti, ngisho namaPentecostal na? Bepeda ubuso babo njengoJezebeli, futhi bephungula izinwele zabo, futhi begqoka amabhulukwe njengabesilisa. Abashumayeli bethu, bengenele ukusukuma mayelana nabo ukubatshela ngakho. Abakhwelwe ngamademoni! Kwakungulegiyoni odabula izingubo zakhe kuye. Ngubani lo develi obhongayo na?

352 Ngubani onamandla ngokwenele na? Hlobo luni lwe—lwehlelo elingakwazi ukumnqoba ehamba ehla enyuka edabula lawa matshe amathuna amahlelo, ememeza, "Izinsuku zezimangaliso selwedlule, futhi asiwudingi uMoya oNgcwele"?

353 Futhi ngubani ongathambisa lowodeveli na? UNkulunkulu! Angeke sikwenze ngehlelo. Angeke sikwenze ngamandla obufundisi basesontweni. Kepha kwakukhona iPhimbo ngesinye isikhathi elakwenza, amen, elathambisa labodeveli, labafaka ekuphileni kahle engqondweni yabo futhi labagqokisa izingubo zabo. Lelo Phimbo elifanayo lisinika isithembiso, "Imisebenzi engiyenzayo Mina nani niyakuyenza." Awusoze wakwenza ngaphansi kukapetroli wobufundisi basesontweni emotweni eshaywe yikhabhoni. Awusoze wakwenza enhlanganweni. Uzokwenza uma uthululiwe futhi uba buthakathaka, zithululele ngaphandle bonke ubuwena, futhi uvumela uMoya oNgcwele ukuba ungene futhi uphampe yonke ingxenye yakho, ugcwalise sonke isivalo somzimba wakho. Yilokho kuphela . . . kwenze. Asidingi inhlangano entsha.

354 Esikudingayo, O Nkulunkulu, ngiyaKuzwa kuthululeka ngaphakathi ngokuzungeza kudabula lapha manje. Esikudingayo ngumprofethi kaNkulunkulu ukuba avuke nokushaya konyanzi lukaNkulunkulu, umbani wokomoya ozozamazamisa lelizwe libe yihlazo! Haleluya! Isitsha esingenalutho yilokho Akudingayo, kunjalo, iBandla elibizelwe ngaphandle, abayingcosana ngesibalo abancane abazokwemukela amandla kaNkulunkulu nezibusiso noMlayezo waKhe. Haleluya! Yilokho esikudingayo.

355 Yiba buthakathaka ukuze uzoba namandla. Kuyonqoba bonke odeveli. Kuzobeka abafundile ehlazweni. Kuzoletha abesilisa nabesifazane uNkulunkulu ababizile, futhi lokho kuphela.

356 Khumbulani, "Njengoba kwenzeka emihleni kaNowa, kuyakuba njalo ekufikeni kweNdodana yomuntu, imiphefumulo

eyisishiyagalombili eyasindiswa." Ezinsukwini zika-Eliya kwakukhona izinkulungwane eziyisikhombisa kuphela ezazinaKho. O, ake nicabange nje ukuthi siphila kuphi manje. Ngenkathi uJohane efika enkundleni, ibandla elincane impela laliyingcosana ngesibalo, kodwa kwakukhona izitsha ezingenalutho ukuba kuthelwe amaFutha kuzo. Haleluya!

Nkulunkulu, asizithulule.

357 Yibani ngabangenalutho, bangane. Yibani buthakathaka! Phikani ikhono lenu uqobo! Futhi nina eniphandle emsakazweni. . .hhayi umsakazo, kepha ngaphandle e. . . enizwa lamateyipu, noma kuphi lapho afika khona, zithululeni. Zithululeleni phezu kwe-altare likaNkulunkulu njengomhlatshelo. INgelosi ayifike nelahle loMlilo, igcwalise lesositsha ngamandla kaNkulunkulu uSomandla. Tholani. . . Khona-ke Uzosenza sibe namandla, Uzokunikeza umusa wokuma.

Asikhothamise amakhanda ethu umzuzu.

358 O Nkosi, elinye iSonto ekuseni selidlulile, futhi besikade sihleli kulomhlangano ozothile, lapho abesilisa nabesifazane abazi Wena, lapho uMoya waKho uhlala ngaphakathi ezinhliziyweni zabo, futhi bayaKukholwa futhi basebenzile phezu kwalo lonke iZwi O—Osiyale ukuba silenze. Futhi siyaKubonga ngalababantu.

359 Futhi kungahle kubekhona abanye ezweni lapho lamateyipu azoya khona, lapho abesifazane abazithobile nabesilisa bazowathatha bawayise emakhaya nasezizwaneni nangaphandle kwamanye amazwe. Futhi kwangathi bangezwa, Nkosi, futhi baqonde, bazithulule ukuze uMoya oNgcwele ungabagcwalisa.

360 Kungahle kubekhona abanye ngisho lapha kulokhukusa, Nkosi, abazo. . .abazithululile selokhu siqale ukukhuluma, obonile ukuthi bebethembele kakhulu emicabangweni yabo uqobo, engeyabo uqobo, bona. . .ikhono labo, bethembela e—ekuhlakanipheni komqondo womuntu olula wabo uqobo, okungelutho kepha ukungcola phambi kukaNkulunkulu. O Nkulunkulu, kwangathi nje bangazithulula manje, bazinikele ngokuzithoba futhi bazele ukugcwaliswa koMoya. Siphe khona, Nkosi.

Kwashiwo eBhayibhelini, "Abaningi abakholwayo wabhaphathizwa."

361 Nakho kuhlezi kulesisakhiwo kulokhukusa, Baba, owesifazane omncane, ehlezi emuva lapha, futhi ngiyakhumbula uNkk. Hicks eza emva kwami ngobunye ubusuku futhi nango elele kungekho lutho nje kepha amathambo, umsipha, isikhumba somsipha esincane selulelwe phezu kwakhe, umdlavuza umdlile; umyeni wakhe, ongakabi umKristu okwamanje. Futhi ngiyakhumbula umkhuleko

engawukhuleka ngalobobusuku: "Nkulunkulu, Wathumela uDavide omncane engonyameni nendwayimane encane elula, futhi walibuyisa iwundlu." Ngathi, "Lomdlavuza obambe udadewethu; ungudeveli. Ngiyazi UnguNkulunkulu. NgiKubonile, Nkosi, futhi ngiyazi. Ngikhulumile naWe, futhi Ungiphendulile." "Ngilandela izimvu zikaNkulunkulu; mdlavuza, mdedele!" Khona-ke ngamyala ngeGama likaJesu Kristu ukuba "Aqhubeke aye ekhaya." Futhi umyeni wakhe, ongakazinikeli, walikholwa leloZwi futhi wathatha umkakhe wamyisa ekhaya. Nangu lapha kulokhukusa, owesifazane ophilile onamandla kakhulu, umdlavuza usuhambile, uyeza kulokhukusa ukuba abhaphathizwe eGameni likaJesu Kristu. O Nkulunkulu, ngiyaKubonga ngalesisitsha esingenalutho esilungele ukugcwaliswa. Nkulunkulu, ngiyakhuleka ukuthi Uzobusisa lowomphefumulo.

362 Nkosi, lesoyisibonelo sabanye abaningi. Ngiyakhuleka ukuthi izibusiso zaKho zizophumula phezu kwalesi izethameli, ngokuzithoba, Nkulunkulu, ngokuzithoba. Uma . . .

363 Kunento eyodwa kuphela esele, Baba, engingayibona, lokho ngukuthi, kuphakathi kokuthi Uyavusa endaweni ethile ngezinye izitsha ezingenalutho futhi wenza lelizwe libe namahloni ngalo, noma uthumele uJesu masinyane ngqo. Ukuthi ukuphela sekulapha, Nkosi, kunezinto ezimbili kuphela ezisele ukuba zenziwe (futhi sifanele sikubone khona lapha) ngoba siyazi kusekupheleni; kuphakathi kokuthi sizobona into ethile enamandla ivuka khona manje, noma sizobona ukuFika kweNkosi.

364 Sonke isiprofetho sigcwalisekile. Into yokugcina ngaphambi kokuba iBandla livuswe, ngaphambi kokuba Lihlwithwe eSambulweni isahluko 3, kwakungukufika kwesithunywa oNyakeni weBandla laseLawodikeya, lokho bekuyo "buyisela izinhliziyo zabantu zibuyela koyise basekuqaleni," sibabuyisele ePhentekoste elejwayelekile, lokho abazisho ukuthi banakho. Kuzoba khona izinkulungwane eziphindwe kazinkulungwane, njengoba kwakunjalo ngosuku lukaNowa, Nkosi, ebeziyolahleka. Abaningi babo bazolahleka. Siyakubona lokho sekuvele kugcwalisekile, Baba.

365 Woza, Nkosi Jesu, hlwitha iBandla laKho. Futhi uma kuyintando yaKho, Nkosi, ngaphambi nje kokuba leloBandla lihlwithwe, kwangathi kungavuka aMandla. O Nkulunkulu, gcwalisa lezizitsha. Zivuse, Nkosi! Zamazamisa lelizwe kanye futhi! Siyazi kuzoba isikhathi esesedlule, angeke kusabakhona ukuphenduka ngaleyonkathi, kuyobe sekukude kakhulu kubo ngaleyonkathi. Kepha bonisa aMandla aKho, Nkosi, gcwalisa lezozitsha futhi uzamazamise lelizwe njengokungathi alikaze lizanyazanyiswe ngaphambili! Bese-ke uthatha iBandla laKho. Ushiye izwe enxushunxushwini yalo elihleli kuyo, O Nkulunkulu, bayazabalaza.

366 Khona-ke siyazi uMoya oNgcwele omkhulu uzofika kumaJuda ngaleyonkathi. Lapho sibone izinkulungwane eziyikhulu namashumi amane nane zimile eNtabeni yaseSinayi, zimi neWundlu, kepha uMlobokazi wayesevele eseseZulwini. Wayesevele ethathiwe, futhi iWundlu lase libuyile (uJosefa) ukuZazisa kubantu baKhe. Futhi iBhayibheli lasho ukuthi kuyobakhona ukuhlakazeka phakathi kwabo lapho beyobuka futhi baMbone emi lapho. Lapho Ezazisa Yena uqobo, bayothi, "Wazitholaphi lezozibazi na?"

Wathi, "Endlini yabangani baMi."

Khona-ke bayothi, "NguYe lona esambethela."

367 Futhi Uyokusho njengoJosefa, "Ningakhathazeki, ngoba uNkulunkulu wenze lokhu ukusindisa impilo yabeZizwe. Kwakungesilona iphutha lenu." Khona-ke bathi bayohlukanisa, umndeni owodwa komunye, bayolila njengendodana eyodwa eyayithathwe ekhaya.

368 O Baba, lolosuku selusondele, lokho ukuphela kwalawo maSonto angamashumi ayisiKhombisa. Ukuthi isikhathi sesiseduze, Nkosi.

369 O Nkulunkulu, kwangathi iphimbo—iphimbo lababprofethi beqiniso bakaNkulunkulu lingamemeza kakhulu limelane nalelinenekazi lesimodeni losuku, lelibandla lesimodeni, nalesayense yezenkolo yebandla lesimodeni.

370 Zamazamisa laba bashumayeli osabayo ukusho iQiniso. O Nkulunkulu, thatha lamadoda futhi uzamazamise njengokungakaze kwenzeke ngaphambili, enze abe namahloni ngawo.

371 Kodwa siyazi lento eyodwa, futhi singaphumula ngokuzethemba okugcwele, ukuthi, "Akekho umuntu oyoza ngaphandle kokuba uBaba amdonse. Futhi bonke uBaba amnikezile uzoza." Bazofinyelela nje kude njengoba Ufisa ukufinyelela. Kepha Wathi, "Ningesabi, mhlambi omncane, kuyintando enhle kaYihlo ukuninika uMbuso." Siyazi Lokho kuqinisile. Wasexwayisa ngasosonke isikhathi ukuthi kuyoba khona nje impela, abambalwa kakhulu abayobe belungele lapho lesosikhathi sifika. Khona-ke kuyobakhona ukuvuka okukhulu, nabobonke abahlengiweyo abahlengiwe kuyo yonke iminyaka bayovuka. Kepha ngalolusuku lokugcina, ekupheleni nje kwesikhathi, lapho iBandla impela liyoba yingcosana ngesibalo.

372 Ngakho-ke siyakubona lokho, Baba, sibona uMlayezo wosuku. Sibona ukwenqatshwa kwaWo, sibona ukwehlukana, sibona zonke lezizinto.

373 Sithola abantu baKho bevuma ukuthi aba . . . abayi "lutho." Bafuna nje ukugcwaliswa ngaWe, Nkosi. Manje, ngiyakhuleka

ukuthi Uzozamazamisa izwe elinabo, izinsuku ezimbalwa nje ngaphambi kokuFika kweNkosi.

374 Manje phakathi kwethu kukhona ukugula, kunabantu abadinga ukuphulukiswa ngokomzimba. Besingeke sibashiye ngaphandle, Nkosi, ngoba kwathiwa, "Ungakhohlwa yimisebenzi yonke yaYo yomusa: Othethelela bonke ububi bakho; futhi Welapha zonke izifo zethu." Sikhulekela ukuthi amandla okuphulukisa amakhulu aKhe azoba ngaphezu kwalowo nalowo olapha. Uma Ungasindisa umphefumulo ngaphandle lapho ngaphandle kokwenza ukunyakaza, inhliziyo yakhe kuphela iphendukele ngakuWe, Ungawuphulukisa kakhulu kangakanani-ke umzimba!

375 Nanka amaduku abekwe lapha. Ngiyawabusisa eGameni leNkosi uJesu, njengoba kwenza umphostoli uPawulu omkhulu. Kwangathi noma ngubani ogqoka lamaduku angaphulukiswa. Kwangathi amakhaya ahlukene angaphinde akhiwe. Kwangathi abantwana abancane, abangenayise, abangenanina, bona behlukene, kwangathi lelokhaya lingaphinde lihlanganiswe futhi. Siphe khona, Nkosi. Phulukisa bonke abagulayo manje, nabahluphekile, zitholele udumo kuWe uqobo.

376 Futhi, Nkosi, thina esizama ukuphakamisa izitsha zethu, amehlo ethu abheke phezulu, izinhliziyo zethu zibheke kuWe, siphike ngisho ukuthi sihlanganisiwe kulelizwe. IBhayibheli lathi "U-Abrahama waphuma ekhaya lakhe, waphuma emzini wakubo, ukuba agogobale ezweni lesithembiso, evuma ukuthi waye 'ngesuye owalelizwe' kepha 'wayeyisihambi nomfokazi.'" U-Abrahama no-Isaka noJakobe, bonke abanalobubufakazi ukuthi ba "abasibo abakulelizwe," ngokusobala bamemezela ukuthi kukhona uMuzi oMakhi noMenzi wawo nguNkulunkulu, futhi bahamba ngaleyondlela.

377 Kwangathi izinhliziyo zingaguqulwa njengamanje ngenkathi ngisakhuleka, Baba, kwangathi izimo zokuziphatha zingathathwa. Futhi lapho izinkonzo zombhaphathizo zifika, kwangathi kungabakhona ukushukuma phakathi kwabantu, kwangathi kungabakhona abantu abangakaze bacabange ngakho phambilini, kwangathi kungembulwa. Futhi Washo ukuthi bonke labo Obabizile, U—Uzobathuma.

378 Manje, nginikela konke kuWe, Nkosi, ngalomlayezo omncane onqamukile ophuma esitsheni esimpofu esingenalutho kuso, Nkosi. Ngiyakhuleka ukuthi Uzothatha lawomaZwi futhi uzowancibilikisa ezinhliziyweni zabantu, futhi kwangathi bangephinde bakwazi ukusuka kuWo. Siphe khona, Nkosi. Ngibanikela kuWe manje, eGameni likaJesu Kristu. Amen.

379 [Umfowethu unikeza umlayezo—Umhl.] Ngenkathi usenza isinqumo sakho, nquma. "Kungani nimanqikanqika phakathi kwemibono emibili na?" Ukuzwile aKushilo. Uma uNkulunkulu enguNkulunkulu, Mkhonzeni; uma izwe lingunkulunkulu,

qhubekelani phambili nje. Niyabo? Uma indlela yehlelo ilungile, qhubeka nayo; kodwa uma iBhayibheli liqinisile, khona-ke wozani kuLo. Niyabo? Khethani ngalelihora ukuthi ubani enizomkhonza.

380 Ake nje, eMoyeni, sihlabelele ihubo manje. IBhayibheli lathi, "Bahlabelela ihubo base beyaphuma." Ake sihlabelele leliculo elidala elidumile, *Ng'yaMthanda*, namakhanda ethu nezinhliziyo zikhothamele kuYe.

Ng'yaMthanda,

Manje nquma ukuthi uzokwenzenjani.

Ng'yaMthanda
Ngoba Wangithanda kuqala
Wang'thengel'insindiso
Emthini waseKalvari.

381 [UMfowethu Branham uqala ukuhamisha elithi *Ng'yaMthanda*—Umhl.] Ungasenza isinqumo sakho ngoKristu na? Hhayi isinqumo, ncamashi, zithulule nje qobo lwakho, "Nkosi, angilungile. Akukho lutho kimi oluhle kimi. Mangikhohlwe yikho konke engake ngakwazi. Manje woza, Nkosi Jesu, ungavumeli lokhu kweqe ngaphezu kwekhanda lami. MangiKwemukele futhi ngigcwaliswe ngoMoya waKho, Nkosi. Kusukela kulolu usuku kuqhubeke, mangibe ngowaKho wonke." Khulekani nje manje, umkhuleko omncane nje kuNkulunkulu; olula, lo mkhuleko, bantwana, nonke.

Wena Wundlu laseKalvari,
Msindisi waphezulu; (phenduka nje enhliziyweni yakho)
. . . ngizwe ngisakhuleka,
Susa zonke izono zami,
O makuthi mina kusukela namuhla
Ngibe ngowaKho wonke!

Lapho nginyathela ekudidekeni okumnyama kwempilo,
Nezinsizi zanda macala onke kimi,
Yiba Wena nguMholi wami;
Yala ubumnyama busuke namuhla,
Sula izinsizi, nokwesaba,
Ungangivumeli nanini ngiduke
Ngisuke eceleni kwaKho.

382 [UMfowethu Branham uqala ukuhumisha u-*UKholo Lwami Lubheka Phezulu KuWe*—Umhl.] Laba abakholiwe, uzithululile qobo lwakho ngaphambi kukaNkulunkulu, futhi unqumile ukuthi akukho okuzokuvimba nhlobo, awusoze wavuma noma yiliphi ikhono, futhi ufisa ukukwenza elicacile, elihlanzekile iqiniso elingumnqamulajuqu noNkulunkulu, ichibi linamanzi kulo, lilungiselelwa ukubhaphathiza. Abesifazane abaye ngakwesokudla sami, nabesilisa baye ngakwesobunxele

sami. Inkonzo yombhaphathizo izobakhona nje emzuzwaneni. Labo abathululiwe, awulindele ukukholwa yilokho abefundisi abakushoyo, lokho okushiwo okobufundisi basesonteni, lokho okushiwo amahlelo, kepha nizothatha indlela yeNkosi, nizokholwa ukuthi ISHO KANJE INKOSI, woza manje.

> Lapho nginyathela ekudidekeni okumnyama kwempilo,

Labo kuzoba ngabesifazane nga*lapha*, abesilisa nga*lapha*. Lokho ukubizela kwenu e-altare, "Bonke abakholwayo, beza babhaphathizwa."

> . . . nguMholi wami;
> Yala ubumnyama busuke namuhla,
> Sula izinyembezi zokudabuka,
> Ungangivumeli nanini ngiduke
> Ngisuke eceleni kwaKho.

383 Bangaki abesifazane lapha kulokhukusa . . . ngisho lokhu eGameni leNkosi uJesu! Bangaki kini abanamahloni ngalezozinwele ezimfushane eninazo, enifuna uNkulunkulu (ngomusa waKhe) anikhulisele zona na? UNkulunkulu anibusise.

384 Bangaki abesilisa abanamahloni ukuthi nivumela umkakho abheme osikilidi, futhi agqoke amabhulukwe empeleni okungawenu na?

385 Futhi iBhayibheli lathi, "Kuyisinengiso emehlweni kaNkulunkulu." Niyazi ukuthi uNkulunkulu angeguquke na? Angeguquke. Unemvelo eyodwa, okungukuthi ubungcwele. Angeguquke. Uma ungabi njengaYe, angeke uMbone, "Ngaphandle kobungcwele akekho umuntu ozobona iNkosi." Futhi uma ukugqoka amabhulukwe amasleksi ku . . . kwenza uNkulunkulu agule esiswini saKhe futhi ahlanze, Uyagula, futhi *isinengiso*, "ukungcola," uyoke uze kanjani . . . unomoya onjalo kuwe futhi uyoke ufike kanjani eZulwini na? Uyoke ufike kanjani eZulwini nezinwele ezimfishane, uma uNkulunkulu ethi, "Kuyihlazo ukuthi owesifazane anqume izinwele zakhe"? Uphika yona kanye imigomo yokuba ngu—ngunkosikazi. UNkulunkulu akaguquki. Lelo yiZwi laKhe, mngane, kungcono ulalele.

386 Futhi nani madoda enizovumela omkenu benze lokho, aninamahloni ngani uqobo na? Aninamahloni na?

387 Ningafani neNenekazi lokuQala lezwe. Yiba njengoNkulunkulu! Niyabo? Zithululeni nina kulenkambiso yesimodeni yezwe, ukuze uKristu ezokwazi ukuzithululela qobo lwaKhe kini futhi ningagcwaliswa ngempela ngoMoya oNgcwele.

388 Angeke akwenza lokho, Angeke akwenze, ku—kumelene nemigomo yaKhe; Uzofanele amelane neZwi laKhe, futhi

lokho angeke Akwenze; Angeke akwenze inqobo nje—uma ungabambisani neZwi laKhe. Ufanele uze . . . Ufanele uze kuLokhu ngaphambi kokuthi noma yini enye yenziwe. Uyakwazi lokho, yilowo nalowo kini uyakwazi lokho. Bangaki okukholwayo lokho, phakamisa isandla sakho. Impela, uyakukholwa, manje asenze okuthile ngakho.

389 Nkulunkulu, yiba nomusa kithi! SiMdinga kanjani-ke! Silapha, sonke ndawonye manje. Khumbulani manje, ekwaHlulelweni, uma ngi . . . Ngizofanele ngime (futhi lokho kungahle kube ngaphambi kobusuku) futhi ngibhekane nalolonke iZwi engilishilo. Niyabo, ngizofanele ngibhekane naLo. Manje, khumbulani lobobubi busukile ezandleni zami, busukile kunembeza wami, busukile emphefumulweni wami, busukile kuNkulunkulu.

390 Uma ungakwenzi . . . Uma umi kulezozimo futhi usalokhu ungazizwa ulahliwe (whewu!), uzokwenzenjani—njani—njani na? Khona-ke uyazi uNkulunkulu akasebenzani nawe, uyazi uyakwedlula Lokho. Niyabo? Uyakwedlula Lokho. Ungahle ube ngokholwe kakhulu kunaninini, ungahle ube ngowamabandla nokunye nokunye, kepha uyakwedlula Lokho. IZwi likaNkulunkulu liyehla futhi likhiphe umuntu. Yileyonto ebabuyisayo. Niyabo? Ngakho-ke lelo yiZwi. Ngicela noma yimuphi umfundisi, noma yimuphi umuntu, noma kuphi, ukuba akuphike Lokho ngokumelene neZwi likaNkulunkulu. Kunjalo. Akunjalo, niyabo.

391 Ngakho-ke asibe ngamaKristu angempela. Ngisho nathi esizamayo, labo abazamayo, sidinga ukunqunywa siwiswe phansi futhi sibilisiswe. Yebo, mnumzane, sonke siyakudinga.

392 Nkulunkulu, ngihawukele. Nkulunkulu, ngithathe futhi ungibumbe. Kuyinhloso yami, emuva kwaleliviki, ukuhamba phambi kukaNkulunkulu, ukuthola ukuthi ngenzeni okulandelayo. Nkulunkulu, ngithathe. Yini . . . Konke—konke kumayelana nami (futhi kunokuningi) akukuhle, Nkulunkulu, kunqume, kungumkhuleko wami kulokhukusa. Soka inhliziyo yami, izindlebe, ubuntu bami. Ngenze, Nkosi, ngenze okuthile oku . . . noma yini Afuna ngibe yiyo. Lowo ngumkhuleko wami.

393 Noma yini engidinga ukuba yiyo, kunqume, nginqume, Nkosi. Ngikhombise eZwini, ngitshele, ngizohamba ngiyokwenza. INkosi mayikusho, futhi ngizo . . . Ngikhona lapho ngqo ngilungele ukubambisana nakho. Noma ngabe yini iZwi likaNkulunkulu elikushoyo, yilokho engifuna ukuba yikho. Ngifuna ukuba ngu—ngumKristu eZwini likaNkulunkulu, "Makuthi onke amazwi omuntu abe amanga, futhi akaNkulunkulu abe yiqiniso." Ngeke yini lokho kube yinkambiso yesikhathi, angeke kube yiyo na? Yileyo indlela okukholwa ngayo na?

394 Ufuna indawo yokubhaphathizwa, ndodana na? Ya, emuva ngapha, mfowethu, ungalindi. Kulungile, khona ngaphezulu ngalendlela.

395 Abaningi benu bafanele beze, abesilisa nabesifazane abangamakholwa, labo aba . . . abavuma izono zabo, ukuba babhaphathizwe eGameni likaJesu Kristu. (Yileyo indlela, mfowethu.) "EGameni likaJesu Kristu kukho ukuthethelelwa kwezono zabo, futhi bayakugcwaliswa ngoMoya oNgcwele."

396 Manje, kini bantu abangamaKatolika lapha, yilokho ukuthethelelwa kwezono okuyikho. Nithi ibandla linamandla okuthethelela izono, lizithethelela kanjani ibandla izono na? UNkulunkulu . . . UJesu walitshela ibandla, "Enibathethelelayo, bathethelelwe. Enibababambelayo, babanjelwe." Bazithethelela kanjani elokuqala, izono ebandleni lasekuqaleni na? Bababizela ekuphendukeni, futhi bababhaphathiza eGameni likaJesu Kristu kukho ukuthethelelwa kwezono zabo. Hhayi ngaphansi kwedokodo lokuvuma izono; qhabo, impela. Kodwa baphenduka phambi kukaNkulunkulu, ezinhliziyweni zabo ngenkathi babemi lapho, futhi bakholwa. "Futhi abaningi wabhap- . . . owakholwayo wabhaphathizwa eGameni likaJesu Kristu, futhi bagcwaliswa ngoMoya oNgcwele." Amen. NiyaMthanda na?

Manje masisukume.

397 Manje, bazoba baningi abafuna ukulinda inkonzo yombhaphathizo. Omunye futhi ofuna ukuza, omunye futhi osekholiwe na? Woza, ngapha nangapha; abesilisa ngakwesobunxele; kwesokudla, abesifazane. Kholwa yiNkosi uJesu ngayo yonke inhliziyo yakho, ngakho konke okukuwe.

398 Manje asikhothamise amakhanda ethu ndawonye, sisaphinda lo mkhuleko oyisibonelo ndawonye, njengoba ngizizwa ngiholeleka ngokuxakile ukwenza lokhu manje. Njengoba sikhothamisa amakhanda ethu, khulekani kanye nami. [UMfowethu Branham nebandla bakhuleka ngokuvumelana—Umhl.]

> . . . *Baba wethu* O*sezulwini, Malingcweliswe igama lakho*.
>
> *UMbuso waKho mawufike. Intando* yaKho *mayenziwe* e*mhlabeni, njengasezulwini*.
>
> *Usiphe namuhla isinkwa sethu semihla ngemihla*.
>
> *Usithethelele* eziphambukweni *zethu, njengalokhu nathi sibathethelela* labo abaneziphambeko kithi.
>
> *Ungasingenisi ekulingweni, kodwa usikhulule kokubi: Ngokuba umbuso ungowakho, namandla, nenkazimulo, kuze kube-phakade. Amen.*

399 Manje asibe silokhu sikhothamise amakhanda ethu. Futhi ngizocela uMfowethu Neville ukuba eze asisholo isibusiso,

asho okusenhliziyweni yakhe, bese-ke ememezela ngenkonzo yombhaphathizo elungiselelwayo manje.

400 UNkulunkulu anibusise, ngumkhuleko wami. Ngizonikhulekela, ningikhulekele. Ngiyayidinga ngempela imikhuleko yenu.

